


NGUKUPHUMA KWELANGA

 Asikhothamise amakhanda ethu. Nkosi, njengoba sibuthana lapha lokhu ukusa okuhle kwePhasika, sibona amahlumela amancane ecindizela efuna indlela yawo yokuphuma, izinyosi zindiza zingena futhi zithola isabelo sazo, izinyoni zikhala sengathi izinhliziyo zazo zizoqhunyiswa yinjabulo, ngoba kukhona iPhasika. Siyakholwa ukuthi Wavusa uJesu kwabafuleyo, eminyakeni eminingi eyedlula, namhlanje, futhi sigubha lolusuku lwesikhumbuzo.

² Futhi makufike iPhasika phakathi kwethu sonke, namhlanje. Sengathi thina, njengezinceku zaKhe, singaliqonda iZwi laKhe, ukuthi sasisenhlanganyelweni yaKhe ngalesosikhathi, nokuthi manje ukuthi sivuka naYe futhi sihlezi ndwawonye ezindaweni zaseZulwini.

³ Busisa inkonzo lapha etabernakele, nasemazweni onke lapho eya khona, ngalolucingo.

⁴ Philisa bonke abagulayo nabahluphekile. Sengathi kungaba yiPhasika labo, futhi, futhi kube wuphumo ekuguleni baye ekuqineni. Nalabo abafule esonweni nasesiphambukweni, sengathi bangaphila namhlanje ngoKristu. Futhi sizoKudumisa, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

⁵ Impela lokhu ngithi kuyinhlanhla eyisimangaliso, ngalokhu ukusa ukubuyela lapha eJeffersonville, eIndiana, nalenhlango enkulu, ibandla liminyene futhi limile, nasemacaleni onke nangaphandle, nasezindaweni zokupaka nasezindaweni zonke. Kinina bantu nasezingcingweni esizweni sonke, kungukusa okuhle lapha.

⁶ Ngelesihlanu nqo kulokhu ukusa, umngane wami omncane onesifuba esibomvu undizele phezulu efasiteleni wangivusa. Bekubonakala sengathi inhliziyo yakhe encane ibizoqhuma, ethi, “Uvukile.” Bengihlala njalo ngicabanga ngalenyoni encane injengomngane kimi, ngoba ngiyayithanda.

⁷ Njengenganekwane ngayo ithi, “Inyoni encane ensundu yaMbona ezwa ubuhlungu esiphambanweni, lapho isono sasiMbeke khona.” Kusobala, inyoni encane yayingenasono. Wayengadinge-kufela inyoni encane. “Kodwa yandizela esiphambanweni futhi yazama ukudoncula izipikili, ngomlomo wayo omncane, futhi yazithola isifuba sayo sesibomvu sonke.” Futhi yileyondelela engifuna ngayo esami, futhi, njengesihlangu, sokuzama ukuvikela leNto eyinkazimulo Ayifelayo.

⁸ Ngokuqonda ukuthi isikhathi sethu siqunyelwe lapha, ikakhulukazi kulabo bangane abalalele ngalolucingo, ngithanda ukuba ninake kulokhu ukusa isi—isithombe kudala

esathwetsulwa ngumshini wezithombe, ngombono engaba nawo lapha etabernakele, wokusuka eIndiana, ngiye eArizona; lapho engangizodibana khona, ngesimo sesivivane, neziNgelosi eziyisikhombisa. Ngingazi ukuthi kwakuzokwenzekani kamuva, sengifika lapho, ngicabanga ukuthi kwakuwukuphela kwempilo yami, ukuthi kwakungekho noyedwa owayengamela ukuqhumana; futhi ngineqiniso ukuthi nonke niyayazi indaba. Kwase kuthi eSabino Canyon, ngokunye ukusa okunjengalokhu, ngisemkhulekweni, kwakukade kukhona inkemba eyayibekwe esandleni sami, futhi kwathiwa, “Leli yiZwi, neNkemba yeZwi.”

⁹ Kamuva, iziNgelosi zabonakala njengoba kwakuprofethiwe. Futhi ngesikhathi esifanayo, isixuku esikhulu sokuKhanya sasuka lapho engangimi khona, futhi saphakama ngamamayela angamashumi amathathu emoyeni, futhi sazungeza indilinga, njengamaphiko eziNgelosi, futhi sadweba esibhakabhakeni isimo sesivivane esishomweni esifanayo sesixuku seziNgelosi ezabonakalayo.

¹⁰ Isayense yasithwebula isithombe, kusukela le eMexico, lapho kusuka ngasenyakatho-Arizona, lapho uMoya oNgcwele owathi ngangiyobe ngimi khona, “amamayela angamashumi amane enyakatho-mpumalanga yeTucson.” Futhi kwaya emoyeni, nephaphabuku i*Life* yayigcwele izithombe, “Into eyinkinga ele ezibhakabhakeni, lapho okungebekhona-mswakama, lapho okungebekhona-mhwamuko wanoma yini; amamayela angamashumi amathathu ukuphakama, namamayela angamashumi amabili-nesikhombisa ukuvundla,” futhi kwenyukela ngqo kusuka lapho lezoziNgelosi ezazikhona.

¹¹ Manje, babuza, ukuba bazi. Isayense, omunye wabo eTucson, wayefuna ukwazi ukuthi ngabe kukhona yini okubalulekile, kodwa angizange ngibatshela. Nonke nakwazi, kwashiwo ngaphambili. Kodwa kwakungesikho okwabo; kwakungokwenu.

¹² Futhi ngakho lapho Wakhuluma kimi, wayesethi, “IziMpawu eziyisiKhombisa zizokwembulwa. Izimfihlakalo eziyisikhombisa, imfihlakalo ekasikhombisa yeBhayibheli, ekade ivalwe yanamekwa selokhu kwasekelwa umhlaba, zizokwembulwa.” Futhi thina, nokho siyiqembu elincane elizithobile, uma siqhathaniswa nomhlaba wonke, sizijabulele lezizibusiso, ukuzwa lezozimfihlakalo. Umshado, isehlukaniso, inzalo yenyoka, yonke lemibuzo eyehlukene, kwembulwe ngokuphelele kithi, hhayi ngumuntu, kodwa nguNkulunkulu, uqobo lwaKhe, ovule lezozimfihlakalo eziyisikhombisa; zalokho iBandla elaliyikho, ukuthi Lalinjani kuKristu ekuqaleni, nokuthi Liyokwembulwa kanjani osukwini lokugcina.

¹³ Futhi manje, lapho lokhu kwenyuka, sinisithombe ngaphandle lapho okulengiswa khona izithombe. Kodwa, manjena-ke, nginesithombe sibekiwe sikhona lapha, uma

niqaphela, njengoba iphephabhuku i*Life* yayinaso. Kodwa angazi noma izethameli zami, ezibonakalayo lapha, sezake zasibuka yini ngempela isithombe, niyabo, niyabo, ngendlela esifanele ukuba yiyo.

¹⁴ Niyakhumbula, ngangishumayela ngenkathi kufika lombono, phezu kwendaba yeNcwadi yeZambulo, lapho abehluleli abadala, lapho esibone khona uJesu eZambulweni 1. Ngenkathi siqala ukuvula iziMpawu eziyisiKhombisa. . . noma i—noma imiNyaka yeBandla, njalo, ngaphambi nje kokuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa. UKristu wayemi ene “zinwele ezinjengoboya bezimvu, zimhlophe.” Futhi nganichazela lokho, ukuthi abehluleli bamaNgisi abadala, nabehluleli bakudala, uma beya ebhentshini, ukuyofungiswa, igunya labo elikhulu kunawo onke lalinikwa bona. Babefaka izinwele zokufakelwa ezimhlophe, njengoba kwakunjalo, phezu kwamakhanda abo, ukukhombisa igunya labo elikhulu kunawo onke.

¹⁵ Awu, uma nizosiphendula isithombe *kanje* futhi nibuke, mhlawumbe ningasibona ezethamelini, nguKristu. Nibone amehlo aKhe ebuka *lapha*, kuphelele phaqa; efake izinwele zokufakelwa ezimhlophe zobuNkulunkulu obuKhulu ukwedlula konke noMehluleli wawo onke amazulu nomhlaba. Niywabona amehlo aKhe, ikhala, umlomo waKhe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Siphenduleni nje isithombe *kulokhu*, indlela abasenze ngayo; ngalendlela, indlela esifanele sibe yiyo. Futhi ni. . . Niyasibona na? [“Amen.”] UnguMehluleli oMkhulu kunabo bonke. Akekho omunye ngaphandle kwaKhe. Futhi leyo yinkomba ephelele futhi, isiqiniseko sokuthi loMlayezo uyiQiniso. Leli yiQiniso. Uqinisile. Futhi kungaMenzi uMuntu wesithathu, kodwa okunguyena-Muntu kuphela!

¹⁶ Enokumhlophe, niyabo, niyakubona okumnyama, ubuso baKhe, intshebe yaKhe, namehlo aKhe. Futhi qaphelani, Ubuka. . . KuYe kuvela lokhu ukuKhanya kukhanya ngakwesokudla, lapho Ebuka khona. Futhi esiphambanweni, yilapho Abuka khona, ngakwesokudla, lapho Axolela khona isoni. EkuKhanyeni kokuvuka kwaKhe, sisaqhubeka ngeGama laKhe.

¹⁷ Ngiyafisa, kulokhu ukusa, sengathi nje benginesikhathi esiningi soku—ukusisebenzisa phezu kwalesisimanga esingenakho ngisho nokuncane ukungabaza, sifakazelwe iminyaka engamashumi amathathu edlule, noma iminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu, khona lapha kulelibandla; selokhu kwasukela phansi emfuleni, ngenkathi lokho kuKhanya okufanayo kwehlela lapha eJeffersonville, ngo 1933, futhi kwakhuluma lawomazwi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela okwesibili.” Sisesikhathini sokuphela, futhi siyasibona. Siyamangala ngezinye izikhathi ukuthi kungani kungakasabalali phezu komhlaba; mhlawumbe

ngesinye isikhathi siyoba nethuba lokuchaza lokho, uma uNkulunkulu ethanda.

¹⁸ Manje ngifuna niphenye e—emaBhayibhelini enu, njengoba sihlala njalo sikholwa ukuthi iZwi lifanele lifike kuqala, okokuba kufundwe iZwi. Ngihlala njalo ngilifunda Lelo, ngoba Li... Amazwi ami liyizwi lomuntu, liyohluleka; kodwa iZwi likaNkulunkulu ngeke lehluleka neze.

¹⁹ Manje sizo—zofunda emiBhalweni eNgewele, indikimba. Futhi sifuna niphenye, kuqala, ezindaweni ezintathu eBhayibhelini, engikhethe ukufunda kuzo. Enye yazo iseZambulweni, isahluko 1, nevesi 17 nele 18; yilapha Abonakala khona ne “Zinwele zaKhe zimhlophe njengoboya bezimvu; nezinyawo zaKhe zinjengethushi.” Bese-ke futhi ngifuna nithole, emaBhayibhelini enu, kwabaseRoma 8:11. Ngikhethe, kulokhu ukusa, izindawo ezintathu ukuzifunda, emiBhalweni eNgewele, okoMlayezo wami namhlanje, iNkosi ewubeke phezu kwenhliziyo yami ngokuvuka. Bese-ke futhi ngifuna ukuba nivule, futhi, kuMarku 16:1 nele 2. Lapho engizokhipha khona ingqikithi yendaba yami—yami.

²⁰ Manje eZambulweni 1:18, sifunda lamaZwi, 17 nele 18.

Ngathi ukumbona, ngawa ngasezinyaweni zakhe njengofileyo. Wayesebeka isandla sakhe sokunene phezu kwami, ethi kimi, Ungesabi; mina ngingowokuqala nowokucina:

Nophilayo, ngangifile; kepha, bheka, sengingophilayo kuze kube-phakade naphakade, Amen; futhi nginezihluthulelo zokufa nezehayidese.

²¹ Futhi kwabaseRoma isahluko 8 nevesi 11, sifunda lokhu.

Uma-ke uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

²² Futhi manje kuMarku isahluko 16, isahluko sokuvuka, isahluko 16, amavesi 1 nele 2.

Selidlulile isabatha, uMariya Magdalena, unina... noMariya unina kaJakobe, noSalome, baletha amakha, ukuba beze bamgcoke.

Ekuseni kakhulu ngosuku lokuqala lweviki, beza ethuneni ekuphumeni kwelanga.

²³ Manje, indikimba yami kulokhu ukusa, ngifuna ukuthatha indikimba: *NgukuPhuma Kwelanga.* Futhi okwendaba, ngifuna ukusebenzisa “aMandla aphilisayo.”

²⁴ Manje, niyazi, mhlawumbe kade nizwa umsakazo nabefundisi abehlukene bekhuluma. NoMfowethu Neville odumileyo kulokhu ukusa ekhuluma ngendaba yakhe

yePhasika, ngokuvuka. Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizokuthatha nge—ngendlela ehluke kancane, kungesikho ukwehluka, kodwa ukwenezela kakhudlwana nje, mhlawumbe ngelinye icala, ngenzele nina. ImiBhalo, onke amacala owahambayo nemiBhalo, Uhlala njalo umemezela uJesu Kristu. Ungeke wawubalekela, noma ngayiphi indlela. Uhlala njalo uMmemezela.

²⁵ Manje, njengoba izwe namhlanje e—enkonzweni yesikhumbuzo, noma, okungenani, eUnited States nakuloluhlangothi lomhlaba, kulokhu ukusa, emabandleni nasezindaweni zonke, ligubha isikhumbuzo so—sokunqoba okukhulu ukwedlula konke umuntu asake aba nakho.

²⁶ Ngiyacabanga, njengoMsindisi lapho Efa, noma njengengane esancela ngenkathi Ezalwa, Wayengeke abe lapha ngaphandle kokuze emhlabeni. Futhi ngenkathi Efa, ngempela Wenza ukubuyisana ngesono sethu. Kodwa, nokho, kubekhona eziningi izingane ezizalwayo ezincane ezinhle, futhi kubekhona abaningi umuntu ohluphekile futhi wafela isizathu sangempela, kodwa akaze abekhona oyedwa owakwazi ukuzivusa yena futhi kuze kube yilolusuku.

²⁷ Manje, ukuthi yiviki elikhulu ukwedlula onke emlandwini, umgubho omkhulu ukwedlula yonke kuzo zonke izikhathi, leliPhasika yilapho Afakazisa khona Ayekade ekushilo. Umuntu angasho izinto, kodwa nokho akusikho ngempela okungakholelwa kukho, ngokuyikho impela, kuze kufakazelwe ukuthi kuyiQiniso. Futhi njengoNkulunkulu, Owathi, “Vivinyani konke; nibambisise okulungileyo,” Wayengeke akutshela ukuba wenze into Ayengeke ayenza kwayena uQobo. Ngakho Wafakazisa ukuthi kwakunguBani lo owafela isono sethu.

²⁸ Futhi, manje, akusilo nje usuku lwesikhumbuzo kuphela, lwazo zonke lezizimbali ezinkulu zePhasika, nezigqoko zePhasika, nonogwaja abaphinki, nokunjalo, esesingene kukho, nomgubho ongwele; okulungile konke, kodwa lokhu akusiyona into yangempela ngaleyondlela.

²⁹ Njengoba abantu namhlanje bezama ukuthi, “Sifanele sigeze izinyawo kanye nkonyaka, ngo—ngoLwesine, bese kuthi ngoLwesihlanu sifanele sithathe isidlo,” nazo zonke izimfundiso ezehlukene ze...Baphikisana ngokuthi ngabe kufanele kube ngalolusuku yini kumbe ngalolusuku, kumbe noma kufanele kube lusuku lwesabatha kumbe usuku lokuqala lweviki; kumbe...Zonke lezizinto ziyisiko nje kuphela. Yini enhle ezingayenza kini, ukuthi beninoLente noma kungesiwo uLente isikhathi sokuzila emnyakeni wamakholwa, uma kungekho-kuPhila kini na? Kuyisikhumbuzo kuphela. Okungukuthi, akukho lutho okumelene naso, kodwa ngempela bagcine amasiko abo, kodwa bashiya into okuyiyona enkulu.

³⁰ USathane akakhathali ukuthi nikholwa kangakanani, nokuthi nikahle kangakanani eMfundisweni yenu. Uma nigeja lokho kuPhila, ningeke nikhuphuke, empeleni. Akukhathaleki ukuthi nikholwa kangakanani, nilunge kangakanani, mangaki amabandla enake nasonta kuwo noma eniyosonta kuwo, akusho nolunci ngaphandle uma nizalwe ngokusha.

³¹ Ngakho-ke, uma uNkulunkulu avusa uJesu kwabafileyo, ngabe WaMvusela isikhumbuzo na? Futhi ngabe lokhu ukusa kokuvuka kuphela kulu—lusuku olulodwa onyakeni, noma usuku oluthize esigubha ngalo lokhu na? Noma, ngabe singabazuzile ngokuvuka kwaKhe na? Kusho ukuthini kimi na? Kusho ukuthini kini na? Manje siyakholwa, ngokukholwa, ukuthi Wavuka kwabafileyo, kodwa pho lokho kuhlange ngani nami na? Lokho kwakuseminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula.

Manje ukuthola lendikimba!

³² Njengoba bengikhathele, ingalo yami ithunukala, emijovweni engayijovwa unesi. Ngokuba, ngiwelela phesheya kwezilwandle manje, njengoba nazi, ezinsukwini ezimbalwa, futhi ngifanele ngibe nayo lemijovo, indodana nami. Futhi kunesifo sohudo ikholera, imfiva nejondisi, nakho konke, bengikhandleke ngempela, ungenza ngigule. Okungukuthi, uKesari ufuna ube nalemijovo ngaphambi kokuba uhambe uyongena kwesinye isizwe. Futhi Wathi, “Nikani uKesari okukaKesari, kodwa bese ninika uNkulunkulu okukaNkulunkulu.”

³³ Futhi ngisahlezi lapho, ngimangala ukuthi ngizokhulumani kulezizethameli ezilindile kulokhu ukusa; engibonga kakhulu ngazo, nowesilisa nabesifazane abazobeka ukuphila kwabo emgqeni walokhu ozokusho. “Ngingakwenza kanjani na? Yini engingayithatha ibe yindikimba na?”

³⁴ Kwase kuthi-ke ngisahlezi lapho, cishe ngilele impela, umnyango wami wakhala, phandle ngasohlangothini olungaphambili lwendlu. Kungekho-muntu lapho, kodwa kuyimi kuphela, ngokwazi kwami. Ngalalela. Angikutholanga nje kahle. Emva kwesikhashana, umnyango waselawini, lapho engiliphendula libe yindlu yami yokutadishela, wakhala, futhi ukhona obelokhu enyakazisa umnyango. Futhi nga—ngaya emnyango ngavula umnyango, futhi, okungimangalisile, e—ebukekayo, encane, enezinwele ezimpofo, enamehlo aluhlaza intombazane imi lapho, ibukeka njengembali encane yePhasika; ehlezi lapha engibukayo manje.

³⁵ Yanginikeza ikhadi. Futhi bekuyi... Imbangela, ngiqagele uma ngifika ekhaya kuzobakhona amakhadi ePhasika, nokunjalo; kodwa okuyilona lodwa, ngisuka ekhaya, engilitholile. Futhi yathi, “Mfowethu Branham, leli livela kubaba nami.” Ibifuna ukuqiniseka ukuthi una “mi” ukulo.

Noyise onesifo sokuqaqamba kwamalunga omzimba, ehlezi esihlalweni esinamasondo, ubethumele lelikhadi. Ngenkathi ngilithatha futhi ngasibonga isithandwa esincane, lapho sifulathela sihamba sisuka emnyango, ngalivula ikhadi.

³⁶ Futhi ngesimo salelikhadi ngakhipha indikimba yami. Ngokuba, ekhadini bekunguMarku oNgewele 16:1 nele 2, ukuphuma kwelanga, ilanga laliphuma. Ngase-ke ngicabanga ngalokho, bese kuba-ke indaba yoku “philiswa,” kukaJesu Kristu ukuba avuswe kwabafileyo, ngakhipha indaba yami.

³⁷ Manje, ilanga, ekuphumeni kwelanga. Awu, kwakukhona isikhathi lapho izwe lalihlezi ebumnyameni uqobo. Lalilihlane, elingenalutho. Futhi lonke lalimbozwe amanzi, futhi lalihlezi lapho ebumnyameni, limnyama, isibhakabhaka esihwaqabele. NoMoya kaNkulunkulu wehla wenyuka phezu kwalawomanzi, futhi wathi, “Makube-khona ukukhanya.” UNkulunkulu wayenesizathu sokwenza lokho, ngokuba phansi ngaphansi kwalawomanzi kwakukhona izimbewu Ayezitshalile, futhi yayifanele ibe nalokhokukhanya kwelanga ukuyenza iphile.

³⁸ NokuKhanya kokuqala ukuba kuze kunikezwe emhlabeni kwaba yiZwi elikhulunyiwe likaNkulunkulu. UkuKhanya kokuqala ukuba kuze kushaye emhlabeni kwaba yiZwi elikhulunyiwe likaNkulunkulu. Wathi, “Makube-khona ukukhanya,” kwaba-khona ukukhanya Lokho kwaphendula ubumnyama baba ngukukhanya, ukuze kuveze okudaliweyo kokujabula nokuphila phezu komhlaba. Kwase-ke, uMoya kaNkulunkulu, lapho Uhamba nothando nesihawu, ngalolosuku olukhulu, usuku lokuqala lokusa kokudaliweyo phezu komhlaba; ilanga laphuma lashanela yonke indawo, imisebe yalo, futhi lomisa nkwe amanzi asemhlabeni, futhi lenza isibhakabhaka phezulu. Futhi, kungokokuqala kulo, lalizoletsa injabulo nokuphila emhlabeni, ngembewu. Lelo kwakuyihora elikhulu.

³⁹ Kodwa, o, kwa kungelutho, lokho kuphuma kwelanga, njengokuphuma kwelanga ngalokho kusa kwePhasika. Lesisikhathi, nelanga litshekula ezibhakabhakeni, laveza ukuphuma kwelanga okukhulu kunokwake kwaba khona; ngoba kwafika izindaba ezinkulukakhulu nalokhu ukuphuma kwelanga, kunoma kwenza ngokuphuma kwelanga ekuqaleni. Lokhu ukuphuma kwelanga kwaletsa izindaba, zokuthi, “Uvukile! Uphilisiwe kwabafileyo, njengoba Ethembisile. Uvukile kwabafileyo.”

⁴⁰ Okokuqala ilanga laphuma, kuGenesisi, laliletha umlayezo ukuthi kuzobakhona ukuphila emhlabeni, ukuphila okusazokufa.

⁴¹ Kodwa ngalesisikhathi, ngenkathi ilanga liphuma, kwakukhona u—ukuphuma kwelanga okumbaxambili; elinye, iNdodana, ivuka. Kwakuyi...hhayi kuphela is-u-n ilanga

liphuma, kwakuyiS-o-n iNdodana eyayivukile ukuletha ukuPhila okuPhakade kuyo yonke iMbewu ethenjisiwe kaNkulunkulu ukuthi ngokwazi ngaphambili Wayeyibonile ibekwe phezu komhlaba.

⁴² Yayingeke i—impilo yezithombo iphile emuva lapho ekuqaleni ngaphandle kokuba is-u-n ilanga liyilethe ekuphileni; kungeke, namhlanje, lapho amadodana kaNkulunkulu iphezu komhlaba, kuthatha ukuKhanya kweS-o-n iNdodana ukuwaletha ekuPhileni okuPhakade, Abakhethiweyo baKhe Abazi ngaphambili kokusekelwa kwezwe. Wayebakhethele kuYe uqobo ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

⁴³ Futhi ngePhasika ekuseni, ngaleyonkathi, kulowomhlabathi ndawo ndawo kwakulele imizimba yethu ngalesosikhathi, ngokuba siwuthuli lomhlabathi. Futhi eZulwini, kwakukhona iNcwadi yokukhumbula, nezingxenye zaKhe yayikuYe, azi ukuthi ngenxa yokuthi leNdodana kaNkulunkulu yavuka, Lalizovusela futhi ekuPhileni yonke indodana eyayinqunyelwe ngaphambili kulesisikhathi esikhulu. Yayazi ukuthi kwakuzoba njalo. Futhi ukuphuma kwelanga okuyinkazimulo enkulu kangaka pho okwakukhona kunoma kwakunjalo ekuqaleni, ngesikhathi lapho kuqala ukusa.

Manje, kulokhu ukuqhekezwa okukhulu koPhawu lwePhasika!

⁴⁴ Manje, namhlanje sinesifo sofuba, uphawu lwePhasika. Abantu uthumela umlayezo, omunye komunye, nokuxhasa lesisikhwama semali esikhulu noma isicelo semali, sokuba odokotela nesayense yezokwelapha ukuba basebenzele phezu kokuthize, ukuvimbela noma ukusiza esifweni sofuba. Isicilelwa ngophawu, esikubiza ngophawu lwePhasika, uma sithumela umlayezo komunye nomunye. Kodwa uma semukela umlayezo, lolophawu luyaqhekezwa, ngoba uphawu luyilokho okubophele umlayezo ngaphakathi.

⁴⁵ Futhi manje, uPhawu lwePhasika lweqiniso, kulokhu ukuphuma kwelanga, lwaqhekezwa; nemfihlo, yokuPhila emva kokufa, yembulwa. Ngaphambi kwalesosikhathi, sasingazi. Izwe laliqoqene ebumnyameni, lalihamba lidukuza, umuntu . . . insolo. Imicabango engenabufakazi wawuphakathi kwenhliziyo yomuntu, kwenziwa isiko. Umuntu wayekhonzisa izithombe. Babekhonzisa ilanga. Babekhonzisa zonke izinhlobo zonkulunkulu. Nazo zonke izinhlobo zabantu ezazizisho zona, bonke bangena ethuneni, futhi bahlala ethuneni.

⁴⁶ Kodwa uPhawu lwangempela lwase luqhekeziwe, futhi Lowo Owake waphila njengoba siphila, wafa njengoba sizofa, waviruswa kwabafuleyo. Ukusa okunje pho! Akuzange kubekhona okunjengakho, kuwo wonke umlando wezwe. Imfihlo yaziwa ukuthi Wayeyikho kokubili ukuvuka nokuPhila.

47 Futhi Wathi, ngenkathi Ephuma ngalokho kusa, “Ngoba Ngiphila mina, nani niyaphila.” Akusikho kuphela ukuthi Wayeyindlalifa yokuvuka, kodwa zonke lezo iMbewu eyayiphumule esethembisweni esikhulu sikaNkulunkulu yayingezuzile kulokho kuvukela ekuPhileni. Ngoba, Wathi, “Ngoba Ngiphila mina, nani niyakuphila.” Lokho kwakungukuqhekezwa koPhawu. Ngoba Wakhushulwa, kanjalo wonke lowo okuKristu uyokhushulwa kanye naYe.

48 Ngalokhu ukuphuma kwelanga okunenkazimulo, uNkulunkulu wayefakazisile, noma waqinisekisa, iZwi laKhe. Zonke izigayegaye nokungabaza okwakuhambe kwangena emiqondweni yabantu kwasuswa, ngoba nangu Wayesekhona Owake waphila, uyadla, uyaphuza, futhi uhlanganyela nesintu, owathi, “Nginamandla okubeka phansi ukuphila kwaMi; Nginamandla okubuye ngikuvuse futhi.” Futhi manje akusikho kuphela ukuthi Wenza inkulumo-mbiko, kodwa Wayifakazela ukuthi iyiQiniso. O, lokho kuyinto enenkazimulo kangaka pho!

49 Ngineqiniso kulokhu ukusa ukuthi ngisho nathi, esikukholwayo, singeke sakwazi ukukuqonda ukuthi lokho kwakuyinto enkulu kangakanani. Ngokuba Wavuka kwabafileyo, nathi sesivele sivukile kwabafileyo, ngokuba sasikuYe.

50 Qaphelani manje. Lapho isigayegaye sisibekele umhlaba, nezimbewu zazingenakuphila ngaphandle kwes-u-n ilanga ukuba liphume, nesigayegaye sasikade sisibekele umhlaba. Futhi manje iS-o-n iNdodana yavuswa, naso sonke isigayegaye sashatshalaliswa yilokhu ukuKhanya, lapho Kusabalala ezizweni zonke, kubantu, ukuthi, “Akekho lapha, kodwa Uvukile!” I-inkulumo-mbiko enje pho! Wayelifakazele iZwi laKhe. WayeLifakazele ukuthi liyilo, ukuthi liyiqiniso, ngokuba manje Wayesenqobe ukufa, isihogo, nethuna.

51 Uziqu-zintathu kadeveli; ukufa, isihogo, nethuna; ngokuba uSathane ungumqalisi wokufa, ungumnikazi wesihogo, futhi kanjalo nethuna. Futhi lowo kwakunguziqu-zintathu kaSathane, kubangwa yinto eyodwa, lokho kwakungukufa. Ukufa, uya ethuneni; futhi ngokuba yisoni, uya esihogweni. Yonke yona leyonto eyodwa impela, uziqu-zintathu kaSathane, okwakungukufa. Okwakubambe umuntu ekuthunjweni yonke leminyaka.

52 Kodwa manje uziqu-zintathu weqiniso kaNkulunkulu, engoYedwa owabonakaliswa kuKristu, OwayengukuPhila, futhi kade eqhekeze iziMpawu futhi wanqoba isitha, futhi wavuka, oyedwa uNkulunkulu ophilayo noqinisileyo. “NginguYe owayefile, sengingophilayo kuze kube-phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezehayidese.” UNkulunkulu, koYedwa, enziwe uMuntu, futhi wakha phakathi kwethu, futhi wanqoba sonke isitha. Futhi wayekufakazisile ukuthi

uziqu-zintathu kaSathane wanqotshwa, nokuthi uziq-zintathu kaNkulunkulu wenziwa waziwa, ngoba nguNkulunkulu yedwa kuphela owayenamandla okubuye abuyisele ukuPhila futhi. WayeyilowoImanuweli. UNkulunkulu wayekade ebonakaliswe enyameni.

⁵³ Akumangalisi Wakwazi ukusho lapho, uMathewu isahluko 27, “Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe esandleni saMi. Ngiyanithuma ukuba nibe ngofakazi baMi, ezweni lonke.” Wayenqobe kanyekanye ukufa, isihogo, nethuna. Akusikho ukuthi Wenza lokho kuphela; wase ephuma, wanqoba, nawo onke amandla emaZulwini nasemhlabeni. Konke lokho okwakunguBaba, konke lokho okwakunguMoya oNgcwele, nakho konke lokho okwaku lokhu kukhona, kwakukuYe. “Onke amandla eZulwini nasemhlabeni anikelwe Mina.” Konke okunye akunamandla. Wayekunqobile.

⁵⁴ Manje! Bese-ke, akusikho lokho kuphela, Wathumela iZwi kubafundi baKhe, abakholwayo baKhe. “Ningesabi, ngokuba Nginguye owayefile, futhi sengingophilayo futhi kuze kube-phakade naphakade. Futhi Nginezihluthulelo kukho ukufa nesihogo; seNgivele ngikunqobile. Ningabe nisesaba, ngokuba wonke owanqunyelwa ngaphambili, iMbewu kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili iyoza ekuPhileni uma lokho kuKhanya kusabalala nomhlaba wonke, kweVangeli lenkazimulo. Kuyo yonke iminyaka, Kuyoveza ukudla okusanhlamvu uNkulunkulu aKumisela ukuba kukwenze.” Wayesevusiwe kwabafileyo.

⁵⁵ O, lokho kuyinto eyisimangaliso kanjani, “Ngiyaphila, noma ngiphilisiwe.” Igama lichaza, igama *philisiwe*, igama lesiGriki lichaza ukuthi leyo yinto “eyenziwe yaphila emva kokufa.”

⁵⁶ Njenge—ngembewu eshona emhlabathini, ifanele ife, konke nokuncane kwembewu. Ifanele ibole, konke nokuncane kwembewu. Nakho konke nokuncane kwempilo, okwakusembewini, kuzobuye kuvele futhi.

⁵⁷ Wa “philiswa.” Akusikho lokho kuphela. “Futhi uzothumela ukuPhila okufanayo okwaphilisa Mina, Amandla aNgikhipha ethuneni, NgiyoKuthumela phezu kwenu, ukuniphilisa, ukuthi lapho Ngikhona nani nobakhona.”

⁵⁸ KuLuka, isahluko 24, ivesi 49. Wathi, “Bhekani, Ngiyathumela kini isithembiso sikaBaba; kepha hlalani, noma lindani, emzini eJerusalema, nize nembathiswe aMandla avela Phezulu.” Ukukhombisa ukuthi akusikho kuphela ukuthi Wakhipha zonke izinzuzo zamafa kukho, kodwa Wazaba lezozinzuzo zamafa.

⁵⁹ Ufikela ukuzohlenga, noma ukuletha ekuPhileni, lezo iMbewu eyamiselwa ngaphambili uNkulunkulu ayibonile ngaphambi kokusekelwa kwezwe futhi wafaka amagama abo eNcwadini yokuPhila. Futhi nampa basemhlabeni, bengenathemba; Akafikelanga khona ukuba yisiBusiso kuphela,

kodwa ukusabelana isiBusiso nayo yonke iMbewu eyayimiselwe ngaphambili. Manje, ukuba iMbewu yayingekho emhlabathini, yayingeke iphile. Yayifanele ibe semhlabathini, iphinde futhi ihlume. Akunandaba ukuthi Igcinwe isikhathi eside kangakanani ebumnyameni, Iyovela uma iS-o-n iNdodana ikhanya phezu kwaYo. Qaphelani manje, Uza ukuzoKwabelana nathi.

⁶⁰ Akumangalisi iVangeli liyizindaba ezinhle. Lona impela igama elithi i*Vangeli* lisho “izindaba ezinhle.” Izindaba ezinhle, ini? Uma umuntu afa ngenxa yethu, lezo yizindaba ezinhle. Uma uKristu azalwa, lezo yizindaba ezinhle. Kodwa azikaze izindaba, zazingakaze zibekhona izindaba ezinjengalezi izindaba, ukuthi, Lowo Owenza isithembiso usiqinisile isithembiso. Manjena-ke, “Ungophilayo kuze kube-phakade naphakade, futhi unezihluthulelo zakho kokubili ukufa nesihogo, esandleni saKhe.” Sonke isigayegaye sathuntuthwa. Kwakungasekho-sigayegaye esasingaphinde sibonwe, ngokuba iNdodana yase ivukile ethuneni. Kwakungekho ukuthi, “Awu, Iyofika, noma Ingahle ifike.” Yase ivele ifikile, iVangeli, izindaba ezinhle!

⁶¹ Qaphelani, wona impela uMlayezo weVangeli, qobo lwaWo, ungowokufakaza kubantu ukuthi Ivukile. “Hambani nitshela abafundi baMi ukuthi Ngivukile kwabafileyo, futhi ngizohlangana nabo, ukuqinisa lokhu kubo.” O Nkulunkulu, kuzobakhona kanjani kulolusuku lokugcina ukuKhanya futhi emhlabeni wonke! “Futhi Ngizofakazisa kubafundi baMi! Hambani nibatshela ukuthi aNgifile, futhi angisilo isiko, kodwa NginguKristu ophilayo. Ngizohlangana nabo. Thathani loMlayezo niwuyise kubafundi baMi, ukuthi Ngivukile kwabafileyo,” iVangeli, izindaba ezinhle.

Wena uthi, “Kunjalo na?”

⁶² AmaHeberu 13:8 athi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Thina, esiyizindlalifa zaKhe, sifanele sifakazise ukuthi ukuPhila kwaKhe kukithi manje, izindlalifa zalokhu ukuPhila. UkuPhila, akukaze kubekhona ukuphila okwaphila njengakho; WayeyiNdodadana kaNkulunkulu. Futhi Wafa, futhi lokho kwakuvalela; kodwa ngenkathi Evuka futhi kwabafileyo, ekuseni ngePhasika, khona-ke thina, njengezinceku zaKhe, siyayalwa nguYe ukuba siye kulolonke izwe nokuletha lezizindaba ezinhle kuwo wonke umuntu, ukuthi Ungophilayo. Futhi singakwenza kanjani ngeZwi lodwa na? Ngokuba kulotshiwe, “iVangeli alifikanga ngeZwi lodwa, kodwa ngamandla nangesibonakaliso sikaMoya oNgcwele, ukufakazisa ukuthi Uyaphila.”

⁶³ Manje, uma kukhona elinye ivangeli, njengoba uPawulu wakhuluma kwelinye lamaqembu, “Ngiyamangala kakhulu ukuthi seniphendukele kwelinye ivangeli.” Elingekho elinye,

kodwa ivangeli lokuzenzisa, niye enganekwaneni yamahlelo, niphenduka nisuka kulezozindaba ezinhle.

64 “Futhi ngoba Ngiphila mina, nani niyaphila. Futhi Ngiphila kini, nemisebenzi eNgiyenzayo mina,” uJohane 14:12, “imisebenzi eNgiyenzayo mina iyokhomba Mina kini.” UMlayezo onje pho! Akumangalisi, besinezwe elimnyama lesayense yezenkolo, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyobakhona ukuKhanya futhi. Kuyobakhona ukuvuka ngesikhathi sokuhlwa. Kuyobakhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa.

65 Manje, wona impela umsuka woMlayezo owathunyelwayo, ukuthi, “Uvukile kwabafileyo,” thina zindlalifa zaKhe, thina esabelana naYe ukuvuka, sithola izinzuzo zefa kulokhu, ngokufakazisa ezweni ukuthi Uyaphila. Ngeke sakwenza ngezwi kuphela. Ngeke sakwenza ngesiko elithize lomuntu. Sibonisa kuphela lokho impela esikhomba kukho.

66 Ngiesaba namhlanje ukuthi abanengi kakhulu bethu ababayisi abantu kuKristu. Sibayisa esontweni, emcabangweni ongenabufakazi. Kodwa sifanele sibayise kuKristu. Nguye Yedwa kuphela, nokunguyena Yedwa kuphela onokuPhila. “OneNdodana unokuPhila.”

67 Futhi uma ukuphila komuntu ofile kujovelwa kuwe, uyophila impilo efanayo nayiphilayo.

68 Uma igazi lomuntu laliwuhlobo oluthize, futhi wathatha igazi kumuntu oyedwa futhi washintsha igazi lomuntu oyedwa lafakwa komunye, ngokoqobo uyoba yilelogazi elibe yilolohlobo.

69 Futhi uma umoya okuwe ubalwa ngokuthi ufile, futhi ugcotshwe ngokuPhila okwakukuKristu, kuphezu kwakho! KwabaseRoma 8:11 kwathi, “Uma uMoya owavusa uKristu kwabafileyo, ehlala kini, Uyakuphilisa nomzimba wenu ofayo,” lokho kuPhila okufanayo, lawomandla afanayo, lezozindlalifa ezifanayo, Ayenazo lapha emhlabeni, zivela kuNkulunkulu. Wanihlenga, iMbewu eyayaziwa ngaphambili nguNkulunkulu, abamagama abo alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

70 Nalokho kuKhanya kweVangeli kokuvuka, ukuqiniswa kweZwi! Sazi kanjani ukuthi WayenguKristu na? Ngoba wakufakazisa Akhuluma ngakho. Ngizowazi kanjani uMlayezo wehora na? UNkulunkulu uyakufakazisa Akwethembisa, futhi Ukhuluma ngakho. Leyo yinkomba, ukuthi siyizindlalifa, kanye naYe ekuvukeni. Uyakufakazisa Akhulume ngakho.

71 Athembisa ukukwenza kuKristu, Wakufakazisa ekuvukeni. Athembisa ukukwenza ngezinsuku zikaMose, Wakufakazisa. Athembisa ukukwenza ngezinsuku zikaEnoke, Wakufakazisa. Kuzozonke izinsuku zabaphostoli, Wakufakazisa.

⁷² Manje ngalolusuku, Uyakufakazisa Akushoyo, ngoba bayingxenye yaleyoMbewu eyayimelwe eNcwadini yokuPhila Afikela ukuyihlenga ibuyele kuNkulunkulu futhi. O, uMlayezo onje pho!

⁷³ Ekuseni ngePhasika, Akavukanga kuphela, kodwa izindlalifa zaKhe zavuka kanye naYe. U...ZazikuKristu ekubethelweni kwaKhe. ZazikuYe ekuvukeni kwaKhe. Siyizindlalifa zaKhe, saphiliswa emva kokuba sifile ebumnyameni.

⁷⁴ Izwe elalimnyama lokungakholwa, lapho amabandla namahlelo, nokunjalo, kwakusidonsele khona ngaphandle. Futhi kukhona into ethize ekithi ebizayo, “O, sifuna uNkulunkulu! Silambeke futhi somele uNkulunkulu.” Sajoyina iMethodisti, iBaptisti, amaPentecostal, amaPresbyterian, namanye, futhi kwakuselokhu kukhona okungalungile, sasingakaKutholi nje nokho. Futhi khonamanjalo, sisadukuza ebumnyameni, ukuvuka okukhulu kwafika kithi ekubonakalisweni kweZwi likaNkulunkulu elethenjisiwe.

⁷⁵ Njengokuthi, Wayengukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu elethenjisiwe. “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, kanjalo aNgiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola.” WaLibonakalisa, lonke iZwi likaNkulunkulu Athenjiswa lona. Wakufakazisa ngenkathi Evuka ekuseni ngePhasika.

⁷⁶ Manje, labo abake badukuza ebumnyameni futhi bezulazula, ukuthi bafanele bageze izinyawo ngalolusuku, noma kufanele bagcine usuku oluthize, noma benze imithetho ethize emisiweyo, zonke lezozinto zedlula. Ngokuba, kwakukhona ukuvuka okuyinkazimulo okwashaya indiva yonke into eyenziwe ngumuntu umuntu ake ayenza, wonke umcabango owenziwe ngumuntu.

⁷⁷ Kwakungakaze kubekhona, kuya kulesosikhathi, umuntu owayengabeka ukuphila kwakhe phansi abuye akucoshe futhi. Wabushaya indiva lobo bufakazi besayense ababenabo, ngokuvuka futhi.

⁷⁸ Uma besho, ukuthi, “UJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade,” ukuthi, “Amandla aKhe awafani,” ukuthi, “IVangeli laKhe alifani,” kanti iBhayibheli lithi Liyafana! UNkulunkulu washaya indiva lonke ihlelo, sonke isivumokholo, futhi Waqhubekela phambili ngoMoya oNgcwele waKhe, njengoba Athembisa, futhi wakufakazisa kithi, ukuthi Uyaphila.

⁷⁹ Singabaz uzile ngokuvuka kwaKhe, saphiliswa emva kokuthi sifile ezweni, esonweni naseziphambukweni. “Usiphilise kanye naYe, wasivusa naYe, manje sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.” Ukuletha kwaKhe... .

⁸⁰ UMoya waKhe uletha ukuPhila kwaKhe okufanayo futhi emhlabeni. “Uma uMoya kaNkulunkulu, owavusa uKristu,” umzimba, umzimba ogcotshiwe; uma uMoya kaNkulunkulu wagcoba lowomzimba ngangokuthi, ngenkathi leyoMbewu iwela emhlabathini, Akazange nje aMyeke aphumule lapho. Qhabo. WaMphilisa futhi waMvusa. “LowoMoya ofanayo,” ngemisebenzi efanayo, ngaMandla afanayo, ngezibonakaliso ezifanayo, “ukuni, Uyonivusa nani.”

⁸¹ Ngithanda ukunifundela umBhalo omncane lapha. Ngithanda niphenye komunye umBhalo engiwubhale phansi lapha. Ungahle unisize kancane. Utholakala eNewadini kaLevitikusi, isahluko 23, ivesi 9 kuya kwele 11. Lalelisisani. Emthethweni, umthetho wobuLevi, uNkulunkulu ekhuluma kuMose. Lalelani. Zonke lezizinto ziyimifanekiso manje, futhi sizoma lapha imizuzwana embalwa ukuba singene kulomfanekiso.

INKOSI yakhuluma kuMose, yathi,

Yisho kubantwana bakwaIsrayeli, uthi kubo, Nxa nifika ezweni enginika lona, . . .

⁸² “Endaweni, isimo sendawo, eNgininike yona. Manje yisho kubantwana bakwaIsrayeli, ukuthi uma nifika kulendawo ethize eNginethembise ukuthi Ngiyonithatha, nxa nifika lapho kulelizwe.” Manje ukhuluma ngokwemvelo lapha, efanekisa okukamoya.

. . . nivune isivuno salo, (senikutholile-ke eNginitshela khona), anoletha kumpristi isithungu solibo lwesivuno senu:

Yena asizulise isithungu phambi kweNKOSI, ukuba samukelwe ngenxa yenu: ngakusasa emva kwesabatha umpriisti uyakusizulisa.

⁸³ Kwakuthi uma kubakhona noma yisiphi isimo senkonzo esingcwele, sasifanele senzeke ngosuku lwesabatha, okwakulusuku lwesikhombisa lweviki, okunguMgqibelo. Kodwa nike naqaphela, kulesisikhumbuzo, ukuba sizuliswe ngosuku lokuqala lweviki na?

⁸⁴ “Isithungu, esasiba ngesokuqala sembewu yakho owayitshalayo, uma isimila yase ivuthwa, wawusikha lesisithungu bese usiyisa kumpristi. Futhi umnike asizulise phambi kweNkosi, kube ngukwemukelwa kwakho, ukuthi wemukelwe. Ufike nesithungu sakho, futhi ufanele asizulise phambi kweNkosi, ngo. . .”

⁸⁵ Hhayi ngesabatha, usuku lwesikhombisa; kodwa ngosuku lokuqala, esilubiza ngeSonto, iS-o-n-t-o.

⁸⁶ Kusobala, lelo yi-yigama lesiRoma, ababelibiza ngosuku lwelanga lukankulunkulu welanga. Kodwa kushintshwe kanjani!

⁸⁷ Akusesilo s-u-n ilanga. Yis-o-n d-a-y usuku lweNdodana, ukuthi lolohlamvu lukaKolo (Owokuqala kaNkulunkulu ukuvuka kwabafileyo) ufanele azuliswe phezu kwenhlangano, ukuthi siyiMbewu yaKhe; naleyo ngeyokuqala yeMbewu yalezo ezazilele, yazuliswa ngosuku lokuqala lweviki. NgeSonto, Wavuka. Evayizela ethi salani-kahle, futhi wenyukela Phezulu, abantu bekhona.

⁸⁸ Qaphelani, Kwakuwuhlamvu lokuqala lukaKolo kaNkulunkulu olwaluvuswe kwabafileyo, uhlamvu lokuqala lukaKolo kaNkulunkulu. NgaMandla aphilisayo kaNkulunkulu, uNkulunkulu wayephilise ukuphila kwaKhe, waMvusa kwabafileyo, futhi WayeLulibo lwalabo ababelele, uLibo. WayeyilesosiThungu.

⁸⁹ Yingakho babefanele bazulise lesosithungu, ngoba sasingesokuqala ukuvuthwa. Futhi sasizuliswa njengesikhumbuzo sokubonga kuNkulunkulu, bekholwa ukuthi bonke abanye bayofika. Kwakuyisibonakaliso.

⁹⁰ Futhi, namhlanje, ngoba Waba yiNdodana yokuqala kaNkulunkulu ukuba afike ekuvuthweni okugcwele, ukuba abe kuNkulunkulu, Wasishulwa emhlabeni futhi uyazuliswa phezu kwabantu. O, isifundo esihle kakhulu kangaka pho! NgaMandla aphilisayo, ongowokuQala! Nakuba, Wayeka—Wayekade efanekisiwe; futhi izikhathi eziningi, njengoba sizobona kamuva, ukuthi Wafanekiswa. Kodwa ngempela lolu kwakuluLibo lwalabo ababelele. Wazuliswa phezu kweMbewu ethenjisiwe eyayinesethembiso sokuPhila.

⁹¹ Wazuliswa ngoSuku lwePentekoste, “lapho kuvela eZulwini inhlokomo njengozulayo, kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla,” futhi wazuliswa phezu kwabantu, abantu bepentecostal ababephezulu ePentekoste, belindele isiBusiso ukuba sifike.

⁹² Nokuthi siphinde sizuliswe, siyaqonda, ngosuku lokugcina, ngokukaLuka 17:30, ngosuku lweNdodana futhi, “ngosuku iS-o-n iNdodana yomuntu eyakwambulwa ngalo,” noma iphinde izuliswe phezu kwabantu.

⁹³ Manje, Ubani iNdodana yomuntu na? “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu.” Futhi uma konke ukufundisa esinakho, nokuqinisa kweZwi likaNkulunkulu; ngeZwi likaNkulunkulu, ngezibonakaliso, ngezimanga, siyabona namhlanje, ukuthi eNcwadini ka—kaLuka lapha, ukuthi njengoba sisanda-ku caphuna kuyo, noma u—uLuka isahluko 17 nevesi 30; noMalaki 4, nemiBhalo ehlukeni esiyejwayeleyo, ukuthi leloZwi futhi liyazuliswa phezu kwabantu, ukuthi amasiko afile omuntu lifile, neNdodana kaNkulunkulu iyaphila futhi nombhaphathizo

kaMoya oNgcwele ukhona impela phakathi kwethu, futhi usinika ukuPhila.

⁹⁴ Njengoba uKristu waba ngowokuQala ukuba avuke, kubo bonke abaprofethi, nokunjalo; nakuba kufanekiswe ezindaweni eziningi, WayeluLibo lwalabo ababelele. KuMlobokazi, ukufika kukaKristu, ukuphuma kwebandla, kuzofanele kubekhona isiThungu esizuliswayo futhi ngezinsuku zokugcina. O, he!

⁹⁵ Ukuzuliswa kwesithungu! Kwakuyini isithungu na? Esokuqala esivuthwayo, esokuqala esasifakazisa ukuthi kwakungokolo, esasifakazisa ukuthi kwakuyisithungu.

⁹⁶ Haleluya! Ngineqiniso ukuthi niyabona ukuthi ngikhuluma ngani. Sasizuliswa phezu kwabantu. Futhi okokuqala kuyofika, konyaka woMlobokazi, okokuvuka aphume ebuhlelweni obumnyama, kuzoba nguMlayezo, ukuthi ukuvuthwa okugcwele kweZwi sekubuye kwabuya futhi ngaMandla aLo agcwele, futhi ngokuzuliswa phezu kwabantu, ngezibonakaliso ezifanayo nezimanga Azenza emuva lapho.

⁹⁷ “Ngoba Ngiphila mina, nani niyophila,” ekhuluma noMkaKhe. “Ngoba Ngiphila mina, nani niyaphila.” Lokho kwakungukuvuka okuhle kanjani! Futhi lokhu kungukuvuka okuhle kanjani, ukuphiliswa kwabafileyo, “ukwenziwa uphile kuKristu Jesu,” ngaMandla kaNkulunkulu aphilisayo.

⁹⁸ Wazuliswa kubo. IZwi, Ayeyilo, labuye lazuliswa kubo ngoSuku lwePentekoste, iZwi labonakaliswa. Manje, futhi njengoba ngisho, Lizozuliswa futhi ngosuku lokugcina. Manje, isibonelo nje. . .

⁹⁹ Wena uthi, “Awu, manje, awume kancane, Mfowethu Branham. Ngiyalazi ibandla eli. . .” Awu, ngiyalazi, nami. Niyabo?

¹⁰⁰ Kodwa manje, isibonelo nje, ukuba-ke—ukuba besizobuyela emuva eTucson kulentambama, manje, futhi yilowo nalowo wethu ene. . .ubezohamba nge—ngemoto enkulu iCadillac, entsha sha na? Futhi zonke izihlalo zenziwe nge—ngesikhumba senyamazane yesikazi, isikhumba esithambe ukwedlula zonke, sithambile futhi kulula ukuhlala phakathi; namapulangwe aphansi ayindwangu ethi ayifane nesikhumba sevukuzi; isitelingi simbozwe ngezinhlamvu zemali futhi sithiwe gqwa gqwa ngedayimane yonke indawo; nenjini yahlolwa ngokobukhenika ukuba kube yinjini efanele ngempela; namasondo eyi. . .onke enamabheringi afakwa nogrisi onke; namathayi onke enesivikela-kuphantsha futhi enesivikela-kuqhuma; futhi yahlolwa yonke ngokwesayense.

¹⁰¹ Zikade sezifuqwe zasuswa emgqeni wokuzihlanganisa, zombili, futhi zombili zigwaliswe phama ngopetroli. Lawo amandla okuhambisa, upetroli, ngoba kuwo kukhona iokteyini ubungako bamandla awo. Kodwa manje uma usuzozidumisa,

nakuba zombili zibukeka zifana nje, kodwa ikhona eyodwa yazo engenaspaki somlilo, engenamandla okubasela.

¹⁰² “Awu,” wena uthi, “amandla akupetroli, Mfowethu Branham.” Kodwa angikhathali ukuthi maningi kangakanani amandla akupetroli; ngaphandle uma kukhona ispaki somlilo lapho ukubonakalisa lawomandla, ngaphandle uma kukhona amandla lapho ukuqinisa ukuthi lowo ngupetroli, kungavele nje kube amanzi. Kuze. . .

¹⁰³ Akunandaba ukuthi osiyazi bezenkolo basho okuningi kangakanani, ukuthi ulihlele kahle kanjani ibandla lakho, ukuthi unemfundo eningi kangakanani, ifana kakhulu kangakanani neBhayibheli; kuze kuthi lesosiThungu esizuliswayo, kuze kufike uMoya oNgcwele phezu kwalowomuntu ukuphilisa leloZwi! Upetroli umele iZwi. LiyiQiniso; kodwa, ngaphandle koMoya, Lingeke lanyakaza.

¹⁰⁴ Sigcizelele kakhulu kwiziHambisi-mshini futhi sangasho lutho ngaMandla okuhambisa. Idinga aMandla kaNkulunkulu anamandla okuhambisa, aMandla kaJesu Kristu okuvuka phezu kweBandla, ukubonakalisa nokukufeza ukuthi Lona ngupetroli. Ungahle ube sekanini likapetroli; useyilokhu ungamanzi, niyabo. Kodwa ubufakazi kuphela bawo, ngukuthi, faka lokhu ukuPhila kuwo, futhi Kuzofakazisa ukuthi ngupetroli yini noma akusiwo.

¹⁰⁵ Futhi uma uzama ukufaka uMoya oNgcwele ehlelweni, kufana nse nokuthi uzama. . . Ungathola ukuhlhliza; uyoyona injini yakho, ngokuyigewalisa ikhabhoni.

¹⁰⁶ Kodwa, o, ngiyajabula kakhulu ukuthi kukhona Amandla ayizinkulungwane eziyishumi eokteyini enamandla, iZwi likaNkulunkulu noMoya oNgcwele ukuLilayitha, nokuvusa Amandla kaNkulunkulu angene empilweni yowesilisa, noma empilweni yowesifazane, noma ebandleni. Lokho kwashovela leyomoto iCadillac ezansi nomgwaqo ngaleya, ngaphansi kwaMandla anamandla kaMoya oNgcwele abuyayo futhi azuliswa phezu kwabantu ngoSuku lwePentekoste, eMenza abe ngonguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁰⁷ Kwabakhona isiThungu sokuqala esikhuphuka sivela kubo bonke abaprofethi, okwabe kuyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi yabo bonke abaprofethi.

¹⁰⁸ Bekukhona amabandla, amabandla, abalobokazi, abalobokazi, amabandla, abalobokazi, abalobokazi.

¹⁰⁹ Kodwa ukhona oYedwa ozofika! Haleluya! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] Kuzofika uMlobokazi wangeqiniso! Ufanele afike oYedwa ongenazo iziHambisi-mshini kuphela, kodwa Amandla okuhambisa aWo, enza leloBandla liphile, lihambe ngaMandla okuvuka kwaKhe. Size sifike kuleyondawo, size sithole leyondawo, kusizani ukupholisha amahabhu na? Kusizani ukuyinika umsebenzi

wokuyenza ngcono noma wokugwazela, uma Amandla okuhambisa engekho kuyo na? Akunandaba ukuthi iziHambisi-mshini zifakazisa kangakanani ukuthi zilungile, kufanele kubekhona Amandla okuhambisa ukuYenza isebenze.

¹¹⁰ Yilokho Akufakazisayo! Haleluya! Yilokho iPhasika elakufakazisayo. [UMfowethu Branhama ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] Wayengesilo iZwi kuphela, kodwa WayenguNkulunkulu qobo lwaKhe, Amandla okuhambisa, eZwini. Lokho kwenza umzimba kaJesu Kristu (obandayo, oqinile, nofile, ethuneni) unyakaze ungene ekuPhileni uphinde uvuke futhi, futhi ugingqe itshe. “Ngangingofileyo,” efe ngangokuthi ilanga laze lathi Wayesefile, inyanga yathi Wayesefile, izinkanyezi zathi Wayesefile. Yonke imvelo yathi Wayesefile. Namanje umhlaba wonke ufanele uqonde ukuthi Useyaphila futhi. Wayengesizo iziHambisi-mshini kuphela, iZwi likaNkulunkulu, WayengonaMandla okuhambisa ukuLifakazela.

¹¹¹ Futhi njengoba Yena, enguMyeni, uMlobokazi ufanele avele, ngoba Liyingxenywe yaKhe. Futhi Lingaba kuphela ukubonakaliswa kokugcwalisa zonke izambulo noma yibaphi abanye okukhulunywe ngaso ngoMlobokazi; Lingabonakalisa kuphela. Uma lenza okuthize okwehlukile kokuvela kuMyeni, akusuye uMlobokazi. Ngoba, Uyinyama yenyama yaKhe, ithambo lethambo laKhe; ukuPhila kokuPhila kwaKhe, Amandla Amandla aKhe! UnguYe! Njengoba indoda nomfazi bamunye, nomfazi ethathwe ohlangothini lwayo, Yena, ekuthatheni uMoya, uMoya wobufazane, kuYe. Inyama ohlangothini lwaKhe, wenza kokubili iziHambisi-mshini naMandla okuhambisa, uMfazi. UMoya waKhe nenyama yaKhe, futhi kuhlangukanye ndawonye, futhi kwenza iziHambisi-mshini naMandla okuhambisa. Kwaze kwathi ibandla noma abantu...

¹¹² Wonke lamabhanisi ePhasika, nemigubho, namabandla amakhulu, nobukhazikhazi, kuyohluleka futhi kwedlule.

¹¹³ Lize leloBandla libe yikho kokubili aMandla okuhambisa neziHambisi-mshini; noMoya kaNkulunkulu, lokho kwaMnyakazisa, ukuba enze izinto Azenzayo! Uma Washaya kumasilinda ayishumi nesithupha, uyokwenzajalo noMlobokazi. Amen! Ngokuba Wathi, kuJohane 14:12. “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza. Ngiyakumnikeza ukushaja eMandleni okuhambisa aMi, eziHambisini-mshini zakhe, izwe elingeke likwazi ukumelana nazo; futhi Ngiyakubuye ngimvuse ngomuhla wokuphela.” Lowo nguMlayezo wePhasika, aMandla okuhambisa neziHambisi-mshini, kanye kanye! IziHambisi-mshini ngaphandle kwaMandla okuhambisa, akusizi; ngokunjalo naMandla okuhambisa, ngaphandle kwezihambisi-mshini.

114 Ningaklabalasa nimemeze, futhi nigxume niye phansi-naphezulu, konke enikufunayo, futhi niphike leliZwi, ngeke kusize ngalutho. Nihamba nikhrenka nje a—amaphistini e . . . Ngithole ispaki somlilo lapho ukubasela, kodwa kungekho-petroli ukubasela ngawo.

115 Kuyosebenza kuphela lapho zihlanganiswa ndawonye. Amen! Ngakho, elinye liyohlala lithule, neLinye liyokwenyuka. Yileyonto kuphela ekhona kulo. Nokho, angahle omabili abukeke efana, omabili azisho ukuthi angamabandla, omabili azisho ukuthi anguMlobokazi. Kodwa eliLodwa lineziHambisi-mshini naMandla okuhambisa, Lenza kufezeke, okwalokho Athi kuliQiniso.

116 Ingeke nje isuke, akunandaba ukuthi iziHambisi-mshini zilunge kanjani, kuze kufike aMandla okuhambisa. Uma kufika aMandla okuhambisa, lowoMlilo wenzelwe ukuba uxhumane naleyo-okteyini yamandla kapetroli. Futhi uma lokho kuqhuma, kubanga ukusha, nalokho kusha kuhambisa yonke into enyakazayo, yonke into ehambayo, ngokuba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Lokho ngukuvuka. Lawo aMandla kaNkulunkulu angempela, iziHambisi-mshini naMandla okuhambisa. Qaphelani, “NguMoya ophilisayo.” Yi—yisiPaki somlilo esibaselayo. Akusiyo igesi ebaselayo; yisiPaki somlilo esibasela igesi. Niyabo?

117 “Ngeke nenza lutho ngaphandle kwaMi; kodwa ninaMi ningenza izinto zonke.” Njengoba EyiZwi, LinguBaba ephila. “UBaba wathuma Mina, naMi ngiyanithuma. Njengoba uBaba eNgibaselile futhi waNgifuqela ezintweni zonke, Ngenza kuphela lokho okuthokozisa uNkulunkulu. Manje, njengoba Angithuma, naMi ngiyanithuma neziHambisi-mshini ezifanayo, futhi kuthatha aMandla okuhambisa afanayo ukuKwenza kusebenze. Nalezizibonakaliso ziyakubalendela abazisho ukuthi baneziHambisi-mshini. AMandla okuhambisa ayothatha indawo yaWo.”

118 UPawulu wathi, “IVangeli alizanga kithi ngeZwi kuphela,” ngopetroli kuphela, “kodwa nangeSpaki somlilo,” ukuLenza lihambe. Nakho lapho okhona. Leza kithi ngaleyondlela.

119 NguMoya ofanayo, owaMvusa, owaphilisa ikholwa leqiniso liye ekuPhileni okuPhakade. Manje khumbulani, kungashiwo nje . . . Manje bhekisisani, njengoba siphuma esikhathini sethu. Qaphelani, “uMoya ofanayo,” manje, kwabaseRoma 8:1. Manje ake sikufunde nje lokho futhi, kwabaseRoma 8:1, futhi sizobona ukuthi lokho kuthini. Kulungile. Futhi akusikho kwabaseRoma . . . Ngiqonde, 8:11, ngiyaxolisa.

120 KwabaseRoma 8:11, “Kepha *uma* . . .” Nanso inkinga. Nakho ukubamba kwaKhe.

Uma-ke uMoya walowo (uNkulunkulu, uMoya oNgcwele) *owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini*, . . .

¹²¹ Manje, nakho lapho enikhona, “Uma uMoya woMyeni uhlala kuMlobokazi!”

¹²² Ngenkathi uNkulunkulu enza umyeni waKhe wokuqala, Wenza umyeni kuqala, futhi wayeyikho kokubili owesilisa nowesifazane, emoyeni; wambumba ngothuli lomhlabathi, ukumenza aphaatheke. Futhi qaphelani ngenkathi Enza uEva, kuAdamu, Akathathanga esinye isigaxa sobumba, Wathatha esigaxeni esifanayo sobumba; iZwi elifanayo, ngokuba uAdamu wayeyiZwi elikhulunyiwe. Niyabo? Wathatha kuye, wase-ke esethathe i...Wayenomoya wobulisa nobufazane. Wase esusa umoya wobufazane kuAdamu, wawufaka kuEva; ngakho kuseyiyo ingxenye yomoya ka-Adamu, yinyama ka-Adamu. Kwase-ke, kwakungumoya ka-Adamu, amandla okuhambisa, aphilisa izihambisi-mshini zomzimba wakhe.

¹²³ Ngakho uMlobokazi naye ufanele abe yinyama yenyama yaKhe, nethambo lethambo laKhe. Manjena-ke lenyama efayo izoba kanjani yinyama yenyama yaKhe na? Sizofika kukho emzuzwini, niyabo. Kwenziwa kanjani na? Kanjani na? Kuyini lokhu ukuguqulwa okukhulu na? Qaphelani.

Manje uma uMoya walowo (uNkulunkulu) owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKristu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

¹²⁴ O, he! LoWo ongomiselwe ngaphambili, kusobala, njengeMbewu ilele emhlabathini, loWo owayenokuPhila kubo. Abanengi babo babefile; babeyizimbewu ezazibolile nje; amanzi nezinto zayishisa. Kodwa, niyazi, kwakukhona iMbewu eyayilele lapho ilungele ukuPhila. UNkulunkulu wayazi ukuthi Yayilele lapho.

¹²⁵ Manje, labo Abamiselwa ngaphambili yibo kuqala abazophiliswa nguMoya oNgcwele, ngokuba uMoya oNgcwele uzela ukuzofuna abaWo uQobo. Manje, lokhu kujulile manje, futhi qinisekani ukukubamba kahle lokhu.

¹²⁶ Manje, njengoba ilanga lathunyelwa emhlabeni wonke, hhayi ukuba liphilise amadwala, okwakungumhlabathi nawo, ukuba aphile, kwakungesikho ukuphilisa wonke umhlabathi, kodwa kwakungukuletha ingxenye yomhlabathi owawuvalele umboze ukuphila.

¹²⁷ Akusiwo wonke umuntu oyokwemukela uKristu. O, qhabo. Kodwa labo uNkulunkulu abanqumela ngaphambili ekuPhileni, wakhelwe indlu wambozwa ngomunye womhlaba, yiLowo Azela ukuzomphilisa. BayiLabo.

¹²⁸ Lowo, manje, lowomhlabathi uyolala lapho elangeni, bese uthi, “O, lelilanga elidala lishisa kakhulu!” Lelodwala, lithi, “Lelilanga elidala lishisa kakhulu!” Kodwa leyombewu encane, yathi, “Yilokho engikufunayo,” futhi iqala ukuqhuma iphile. Liphilise leyongxenye yomhlabathi. Ngoba, ilanga

alithunyelwanga ukuphilisa idwala, akusikho ukuphilisa umhlabathi, kodwa ukuphilisa ukuphila kwembewu.

¹²⁹ Manje, uMoya oNgcwele uyafika manje. Kusobala, Awuthunyelwanga... Kungani bengeke abantu bonke baWemukele na? Awuthunyelwanga kubona.

¹³⁰ Umfo wangitshela, “Angikholwa. Angikhathali ukuthi ubungathini. Uma ubungavusa abafileyo, kumbe noma yini, futhi uphilise abagulayo; futhi uWufakazele, noma ngayiphi indlela; ngisalokhu ngingaWukholwa.”

¹³¹ Ngathi, “Impela ungeke. Ungongakholwayo. Awusho lutho kuwe. Awuthunyelwanga ngisho wena. Uthunyelwe labo abayokholwa.”

¹³² Umlayezo uqondiswe ekholweni. Kulabo ababhuhayo, Uwubuwula; kodwa kulabo abakuKristu, nabayingxenyeye yaleyoMbewu, UngukuPhila.

¹³³ Indatshana yami engenanhlonipho mayelana nomlimi efaka iqanda ngaphansi, noma iqanda lokhozi ngaphansi kwesikhukhukazi. Niyabo? Lolokhozi oluncane lwalu, ngqobo, lwalu—lwalubukeka luyinqaba, isidalwa esincane. Ngenkathi lomlimi eseyenzile leyonto ayenzayo, ukufaka leliqanda lokhozi ngaphansi kwalesisikhukhukazi esidala. Futhi sachamusela ichwane lenkukhu elibukeka lixakile, futhi laliyi—laliyinqaba, umfo omncane. Lwalungabukeki lufana nawo. Izimpiko zalo lwalungafani njengawo onke amanye, futhi lwa—lwavele nje. . . Lwaluyinqaba, umfo omncane. Futhi onke amanye amachwane enkukhu alwazi njengomfo oyingqaba. Nesikhukhukazi sazungeza. . .

¹³⁴ Lwalungakuthandi ngisho ukudla esasiludlisa khona. Lwalungakuthandi nje lokho kuqhanda esibuyeni. Lona, lwalungahlanganise lutho nalokho. Ngakho lwamangala ukuthi kungani lona lube yinqaba ngalapho, empeleni. Niyabo? Futhi aluzange lunambithe noma yini e. . . Udla nje okwenele ukumgcina ephila, ngoba lwalungakuthandi ukunambitheka kwakho, niyabo. Isizathu, lwalungesilo ichwane lenkukhu, kwasekuqaleni nje. Niyabo?

¹³⁵ Futhi i—isikhukhukazi sasikukuza, futhi, niyazi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo. Joyina ibandla.” Akuzange nje kushaye khona, kumfo omncane. Ngakho lwalandela luzungeza isikhukhukazi kwaze kwathi ngelinye ilanga umama walo. . .

¹³⁶ Ukhozi oludala lwalwazi ukuthi lwalukade lufukamele amaqanda angaka, futhi kwakukhona elilodwa elalilahlekile. Lwalwazi ukuthi lolokhozi lwalundawo ndawo, ngakho luqala ukuphuma luluzingela. Futhi lwashaya indingilizi esiqongweni sentaba, nasezansi ezigidini, nangaphezulu ndawo zonke lapho olwalungahle lubekhona. Ngalesisikhathi, lona, sekuyisikhathi salo sokuba luzalwe. Sekuyisikhathi sokuba luchanyuselwe.

Lwathi, “Mhlawumbe kungene igwababa lacosha iqanda lami; mhlawumbe inqe. Angazi. Kukhona okucoshe iqanda lami. Kodwa ngiyazi... Leloqanda lisemqondweni wami. Nginendodana ndawo ndawo. Kufanele ngiyizingele.”

¹³⁷ Wenzenjalo noNkulunkulu. UyiloloKhozi oluKhulu. Emicabangweni yaKhe Wayazi ukuthi Uyoba neBandla. Wayazi ukuthi Uyoba nabantu. Kungenandaba ukuthi yini eyayibasingethe, kungenandaba ukuthi bachamuselwa phansi kwani, Uyazingela. Uzingela abaKhe uQobo.

¹³⁸ Futhi ngeliny’ilanga, indaba iyaqhubeka, lolukhozi oludala lwandizela phezu kwesibuya. Lwalucinga ndawo zonke, futhi lwaluthola. O, okwalokho kuvuka, ukuqonda ukuthi ngempela lwalungesilo ichwane lenkukhu, empeleni. Lwalulukhozi! Futhi lwalufundiswa njalo ukuthi lubheke phansi, lucinge isilwanyakazane noma okuthize ehokweni. Kodwa lwezwa ukumemeza okukhulu, okwathi, “Bheka phezulu *ngapha!*” Futhi lwabheka phezu kwalo, futhi kwakukhona isidalwa esasinamaphiko angamafidi ayishumi-nane, esinamandla ukwedlula zonke izinkukhu ezazisesibuyeni, futhi lwathi luyindodana yalo.

Lwathi, “Mama, ngingafika kanjani kuwe na?”

¹³⁹ Lwathi, “Gxuma nje, qala ukubhakuzisa amaphiko akho, ngoba ulukhozi.”

¹⁴⁰ Niyabo, lwalwazi ukuthi lwalunendodana ndawo ndawo. Akunandaba ukuthi yayikhuliswe kuphi, lunendodana ndawo ndawo.

¹⁴¹ NoNkulunkulu uyazi! [UMfowethu Branhama ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] Haleluya! UneBandla elamiselwa ngaphambili, lanqunyelwa ngaphambili! Wayazi ukuthi Unamadodana namadodakazi, noMlobokazi, olindile ndawo ndawo; uma uMoya oNgcwele uqala ukundizela phezu kwalo, lesosiThungu esizuliswayo. O, he! Unguye izolo, namuhla, naphakade. Akusiyo indaba eyinsumansumane, kodwa yinto ekhona!

¹⁴² Akunandaba ukuthi bangaki abazama ukulutshela, “ukhozi,” lwalungazi ukuthi kwakuyini ukhozi. Nokho, lwaluwukhozi. Lwalungakuqondi lwaze lwabona into eyenza ukuthi lubone, eyalubonisa lona, njalo.

¹⁴³ Futhi uma sibona, hhayi ihlelo, hhayi iPh.D., hhayi iLL.D., hhayi umakhelwane olungileyo; kodwa indodana kaNkulunkulu ebunjwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, inaMandla okuhambisa kaNkulunkulu ukuphendula isicelo salolusuku, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, akukho-sikhukhukazi esizokubamba. Lusingela uMama walo. Luwukhozi, kwasekuqaleni. Luyaqonda. Lolukhozi lwangempela luyakuqonda ukubiza kweZwi likaNkulunkulu. Ngani na? Luwukhozi. Ukhozi okhozini! IZwi ngaphambi

kwesisekelo, iZwi eZwini! IZwi, elamiselwa ngaphambili, eZwini elilots shelwe ihora. Uyayiqonda indawo yakho. LuyaYizingela.

144 Lokhu-ke, lomzimba wasemhlabeni, uyaphiliswa futhi ulethwe ngukuphilisa kukaMoya kaNkulunkulu ekuthobeleni iZwi likaNkulunkulu.

145 Ngokushesha. Ngenkathi selufuna ukwazi ukuthi lungafika kanjani lapho lube nalo, lwalukade lufundiswe ukuthi lungeke lukwenze lokho. “Ungeke ube ngaphezu kokugxuma kwakho.” Luyichwane lenkukhu. Niyabo?

Kodwa lolukhozi lwathi, “Lokho akunjalo.”

“Awu, awubheke amachwane enkukhu!”

146 “Akunandaba ukuthi amachwane enkukhu ayini, wena uwukhozi. Qala nje ukwelula lawomaphiko, bese uthi ukuwejwayeza kancane. Uqale ukusuka uye phezulu!”

147 IZwi eZwini! “Imisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyoba njalo futhi. Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyoba njalo futhi.” Niyabo? “Ngoba Ngiphila mina, uyaphila naye.” “Futhi uma-ke uMoya owaMvusa kwabafileyo ehlala kini, Uphilisa umzimba wenu ofayo.” Niyabo?

148 Wenzani na? Manje lalelani, ukuze nazi. NaleliPhasika, ngifuna lisho okukhulu kini kunanoma yiliphi iPhasika eselake lakwenza. Niyabo? Ngifuna nilibone. Siyazi ukuthi LiMenzeleni; kodwa ngifuna nilibone, hhayi ukuthi niyolibona, Linenzele into efanayo. Niyabo? Lenzani na? Liphilisa umzimba ofayo. Lomzimba ofayo esiphila kuwo, Liyawuphilisa, ngamany’amazwi, luwuletha ekuPhileni.

149 Manje, wena owake wahamba unosikilidi omkhulukazi emlonyeni wakho, nakho konke, noma isixheke sosikilidi; nani besifazane enake naba nezinwele ezimfishane, zipendiwe, futhi naqhubeka, futhi nigqoka izikhindi, nezinto ezinjalo; kwathi khonamanjalo, Into ethize yamemeza kakhulu, futhi wabheka phansi lapha futhi KwakuyiZwi. Niyabo, Laphilisa owakho. . . Wena wathi, “Angisazifuni izikhindi, angisabufuni utshwala, angisakufuni ukuqamba amanga, angisakufuni ukweba, angisakufuni *lokhu, lokho*.” Niyabo? UMoya owaMvusa kwabafileyo, uhlala kini, uyoletsa nemizimba yenu efayo, uthuli lomhlabathi, ukuba uthobe. Niyabo? Kuyini na? Uthobele ini na? UKristu. Ubani uKristu na? IZwi. Hhayi isayense yezenkolo, kodwa iZwi!

150 Bese uthi-ke, ukuthi, “Lezizinto, o, ngicabanga ukuthi kulungile ukuba abesifazane bagqoke amabhulukwe.”

151 Kanti, iZwi lathi, “Qhabo.” Niyabo, Likuphilisela kuLokho. Niyabo? Udonselwa kuLo. Niyabo, nguwe, ngaleyonkathi. Kuba. . . Uba yingxenye yeZwi. Laletha umzimba wakho, hhayi. . .

¹⁵² Awu, wena uthi, “Awu, manje, ake ngikutshele eny’into. Umfundisi wami. . .” Angikhathali ukuthi umfundisi wakho wathini; kungukuthi iZwi lithini! Uma ufuna ukuba yichwane lenkukhu, qhubeka nalo. Kodwa uma umfundisi ekhuluma okwehlukile kuleliZwi, khona-ke akasuye umondli wezinkozi; hhe-e, ungumondli wezikhukhukazi, niyabo, hhayi owezinkozi. Niyabo? UKhozi ludla uKudla kokhozi. Niyabo? Liyaphilisa!

¹⁵³ IBhayibheli lathi kuyiphutha ukwenza lokho, futhi umuntu nokunjalo nakho konke enikwenzayo, kuyiphutha. Uthi, “Izinsuku zezimangaliso lwedlula.” LeliBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma bethi, “Lokho kungukufunda umcabango ngengqondo. Futhi kuwuhlobo oluthize lokufunda umqondo, lokhu ukwehlukanisa ngokubona okufihlakeleyo. Nayo yonke lemibono nezinto, ngumbhedo,” niyabo, bangamachwane enkukhu. Abazi ukuthi uKudla kokhozi yini.

¹⁵⁴ Kodwa, mfowethu, uma uzwa lokho kumemeza okukhulu, ikhona Into ekuwe! Uwukhozi, kwasekuqaleni nje. Ngani na? UyileyoMbewu, ukuthi ukuvuka S-o-n kweNdodana sekusile, nesiThungu esizuliswayo phezu komhlaba, ukukwenza uqonde ukuthi uwukhozi futhi awusilo ichwane lenkukhu lehlelo. Niyakubona na? Ha!

¹⁵⁵ “Uma uMoya owaMvusa kwabafileyo,” iZwi, aMandla okuhambisa eZwi, ehlala kini, Uphilisa nomzimba wenu ofayo.” Manje siyinyama yenyama yaKhe nethambo lethambo laKhe kanjani na? Ngoba, ngokushesha, kwathi siseyizoni ezifayo, ezifayo, silungele ukufa, lemizimba, Waphilisa lowomzimba. Yini ukuphilisa na? “Ukuletha ekuPhileni.” Umoya owake wathanda ukuphuza, wehla wenyuka, uphinga, nazo zonke lezi, uphilisiwe; ngani, into yafa, futhi senivukile. Uphilisa umzimba wenu ofayo.

¹⁵⁶ Ngakho-ke; imizimba yenu uyithempeli laMandla okuhambisa, ngoba (ngani na?) kusukela ekuqaleni niyingxenye yeziHambisi-mshini. O! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Nakho ukuvuka kwenu. Nanto iBandla ekuvukeni, kanye naYe. Lemizimba njengamanje iyaphiliswa. Niyabo, nizwile; niyakholwa. Kuniguqule nasuka ehlelweni naya eZwini. Niyabo?

¹⁵⁷ AMandla okuhambisa, uma Efika phezu kwamanzi, iyovele nje ihlhlize; “Izinsuku zezimangaliso lwedlule.” Bha-bha-bha, “O, ngiyalikholwa iBhayibheli,” bha-bha-bha, “kodwa a—akukho. . .” Bha-bha-bha! Niyabo?

¹⁵⁸ Kodwa uma Eshaya leyo-okteyini enamandla ayinkulungwane, “Vuuuum,” isuka ihambe, niyabo. Kanjani, wo, aMandla okuhambisa ashaya Lokho! Kodwa Ashaya ichwane lenkukhu, akuzukusiza lutho. Kodwa uma Esashaya ukhozi, luyaphuma. Amen! AMandla okuhambisa

eneziHambisi-mshini! Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? Lokho kungukuthi, uma ewukhozi lwangempela manje, uzo “qonda.”

¹⁵⁹ Ake nginiqondisele umBhalo omncane lapha. Ngicabanga ukuthi siqamukile ocingweni, kodwa sisekhona lapha. UJohane oNgc. 5:24, uJesu wathi, “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade.” Manje bukani, ngehla ngomgwaqo bese nje ngikuthatha lokho ngempela, ukuthi Liyini, ngaphandle kokuqonda kukamoya . . . NgingaLenzi lisho lutho olunye, kodwa nje ngisho lokho eLikushoyo, niyabo, igama eliyilo ngempela lapho, ngesiGreki, kwelokuqala, kuthi, “Oqonda iZwi laMi.”

¹⁶⁰ Manje, ukufakazisa ukuthi lokho kuqinisile. Ngehlela lapha, futhi nangu odakiwe eza ngomgwaqo, futhi egaxene nomunye umka-muntu ngengalo, futhi ethuka, futhi eliphatha ngeze iGama likaNkulunkulu, nakho konke okunye kanjalo. “Awusho, umzwile ukuthi utheni lowayamshumayeli? Umzwile?” “Yebo, ngiKuzwile!” Lokho akusho khona ukuthi unokuPhila okuPhakade. Niyabo? Niyabo?

“Oqonda iZwi laMi,” owukhozi!

¹⁶¹ “Manje, Mfowethu Branham, ngifuna omunye umBhalo ngaphezu kwalowo.”

¹⁶² Kulungile, “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi. Umfokazi soze zamlandela.”

¹⁶³ Njengasodabeni lo*Mshado NeSahlukaniso*, ngeliny’ilanga. Ngenkathi kade uMoya oNgcwele ungitshelile lokho, ngifika ngakusho ngayo nje indlela Angitshela ngayo.

¹⁶⁴ Elinye inenekazi elingumfundisi lingiphendula ngamazwi ahlabayo, lithi ukuklabalasa kancane. Lathi, “Ngibona sengathi uthatha indawo kaNkulunkulu?”

Ngathi, “Qhabo, nkosikazi.”

¹⁶⁵ Lathi, “Awu, ubatshele ukuthi isono sabo sithethelelwe.” Lathi, “Kuphi?” Lathi, “NguNkulunkulu kuphela onamandla.” Niyabo, omunye umFarisi. Niyabo? . . . ? . . .

¹⁶⁶ Ngathi, “Uyabo, ukuze wazi, ukuthi, uJesu watshela uPetru nabaphostoli, emva kokuba kade enesambulo sokuthi WayeNgubani.”

WaMtshele, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu.”

¹⁶⁷ Wathi, “Ubusisiwe,” niyabo, “ndodana kaJona; inyama negazi akuzange kukwambulele Lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini uKwembulile. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; amasango ehayidese angeke aLehlula. Futhi Ngikunika izihluthulelo; okubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini; okukhulula emhlabeni . . .”

168 Leso yilesosambulo sobuNkulunkulu seZwi lenziwe inyama. Uma laliyinyama ngalolosuku ngeNdodana, uMyeni, liyinyama namhlanje ngoMlobokazi. Niyabo? “Enibathethelela izono zabo, bathethelelwe; enibabamba ngezono zabo babanjiwe.”

169 Manje, ibandla eliKatolika lakucosha lokho bese likusa kubapristi balo, kodwa lokho kungokwenyama.

170 Qaphelani, kwakungokomoya, iZwi elembuliwe elakwenzayo!

171 Yingaleso sizathu Abatshela ukuba bahambe babhaphathize e “Gameni” likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Wayazi ukuthi babazi ukuthi WayeNgubani.

172 Ngikhuluma nomshumayeli omncane ngeliny’ilanga, wathi kimi, wathi, “Manje, Mfowethu Branham, ngiphumile ngajoyina, ngawelela ebandleni elithize-*thize*, ibandla lePentecostal.”

173 Lapho, iPentecostal manje isiqale ukuthatha isinkwa esilucwecwana oluyindilinga, niyazi. Nizwile ngalokho, ngiqagele; isinkwa ikosha, unkulunkulu wenyanga, niyazi. Futhi onke asemukela futhi ayasithatha. Lendoda yathi. . . Ibandla layo—layo laya kuyo; wathi, “Engikubusisayo kubusisiwe.” Manje, lokho akusikho yini okushiwo ngumpristi, u “namandla okusiphendula sibuye sibe umzimba kaKristu na”? Niyabo, isithupha nje sedazini nohhafu womunye, kuyafana nje.

174 Wayesethi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona.” Wayezama ukubalekela leyondaba-mlonyeni yombhaphathizo eGameni likaJesu, ngoba lena kwakuyiyona-ndoda eyathi kwa—kwakungumphikukristu owenza lokho. Yathi, “Ucabanga ukuthi kudingeke ngempela yini ukuthi umuntu ufanele abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

175 Wathi, “Emva kokuba kade esebhaphathizwe egameni lika ‘Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele na?’”

176 Ngathi, “Yebo, mnumzane. Akakabhaphathizwa, nhlobo. Niyabo? Akakabhaphathizwa, nhlobo; akukho-Gama. Leso yisiqu.” Ngathi, “Akuthathwa njengento ekhona.” Ngathi, “Kungani a—kungani uPetru a. . .”

177 Yathi, “Awu, manje, ake ngikutshele okuthize.” Yathi, “Manje, eZenzweni 10:49, yathi, ‘Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo.’”

178 “Kodwa,” ngathi, “waphenduka ngqo wayesethi, ‘Ukhona yini ongala namanzi ukuba bangabhaphathizwa laba na?’”

179 Yathi, “Awu, ubukhuluma laphaya, esikhashaneni esedlule, ngeZenzo 19, lapho uPawulu adabula khona amazwe angasenhla ase-Efesu, wafumana labobafundi.” Yayisithi, “Ngani,” yathi, “babengabhaphathiziwe egameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.”

180 Ngathi, “Qhabo, babebhaphathizelwe ‘kukho ukuphenduka,’ kungesikho ukuthethelelwa kwezono. ‘Kukho ukuphenduka,’ ngoba uJesu wayengakenziwa ukuthi aziwe. UmHlatshelo wawungakabulawa.”

Yathi, “Awu, kungani badingeka ukuthi babuye babhaphathizwe na?”

181 Ngathi, “Umuntu owayenezihluthulelo, washo lokhu, ‘Ngokuba makwazeke kini ukuthi alikho futhi elinye iGama phansi kweZulu elinikiwe ebantwini, enimelwe ukusindiswa ngalo.’”

182 Insindiso kuphela ingena ngeGama likaJesu Kristu. “Konke enikwenzayo noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke eGameni likaJesu Kristu.” Alikho futhi elinye igama, akukho-bandla, akukho-kubusa ezindabeni ezingcwele, akukho-ziqu, noma yini enye! Nokho, UyiNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa, uAlfa, uOmega, ukuQala nokuGcina, uJehova-jire, -rafa, -manase, konke lokhu. Uyizo zonke lezizinto, kodwa nokho U... Akukho-nsindiso kunoma yisiphi salezoziqu; u*Jehova*, akukho-nsindiso; i*Ntebe yaseSharoni*, nokho Uyiyo, akukho-nsindiso; u*Yise*, i*Ndodana*, noma u*Moya oNgcwele*, akukho-nsindiso. Kuphela yiGama lika “Jesu Kristu!” Lase lisho-ke iBhayibheli, ukuthi, “Ukuphenduka nokuthethelelwa kwesono kufanele kufundiswe eGameni laKhe, kuqalwe eJerusalema, futhi kuye emikhawulweni yomhlaba.”

Yathi, “Ucabanga ukuthi ukhona umehluko okuwenzayo na?”

183 Ngathi, “Mnumzane, kukhona engifuna ukukubuza khona.” Yona nami, nomkami, sasihlezi etafuleni. Yavele yagudlukela ngale, . . . ? . . . Ngathi, “Sobabili singama-Arizona; sihlala lapha. Nami, futhi siyalazi ikhansela lethu, newadi lethu, nakho konke, nemeya yethu, umbusi, konke.”

Yathi, “Yebo.”

184 Ngathi, “Manje, uma ngikutshela, mfowethu, ukuthi, ‘Hamba uye ngapha usayinele idina lethu, egameni loMbusi weSifundazwe saseArizona,’ ubungahamba ulisayine kanjalo na? Ucabanga ukuthi bebengalemukela edeskini na?”

185 “Ngani,” yathi, “Ngiqagele ngeke.” Yathi, “Wakusholoni uJesu lokho na?”

186 Ngathi, “Yikho lokhu, uyabo. Ngani na? Uma ngikutshela ukuthi ‘hamba usayinele lelidina, egameni loMbusi waseSifundazweni saseArizona,’ futhi thina siyizakhamizi zaseArizona, futhi simazi ukuthi uMbusi ngubani, ngani, ubuzokwazi ukuthi ulisayine egameni lika ‘Sam Goddard,’ uyabo.” Ngathi, “Ngoba, unguMbusi wesifundazwe. Asikho isidingo sokuthi ngikubuze. Uyazi ukuthi ubani uMbusi.

Futhi, ngenkathi Ethu, ‘UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,’ Wayazi ukuthi babezobhaphathiza kanjani. Babemazi ukuthi WayeNgubani. ‘Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.’ Niyabo? Niyabo?”

Yathi, “O, ngiyabona.”

¹⁸⁷ Kodwa manje, into elandelayo, uzokholwa na? Niyabo? “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade.” Futhi uma lokhu ukuPhila okuPhakade okusha kuhlala kuwe, Kuyinto esingasebenza.

¹⁸⁸ Uma senemukele loMoya oNgcwele manje, abakwenzayo ePentekoste; babeyizihambisi-mshini, manje aMandla okuhambisa kwakufanele afike. Babekholiwe. Niyazi, abangane bethu abangamaBaptisti alungileyo usitshela ukuthi, “Ngenkathi sikhohwa, sisuke sesinaWo.” Kodwa, babengenaWo, nokho babekholiwe.

¹⁸⁹ IZenzo 19, babekholiwe, kodwa babengenaWo. “Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?” Niyabo? BabeneziHambisi-mshini, zikahle, ngoba abaphostoli babe... Noma, ngiqonde ukuthi, uApolo wayefundisa kubo futhi efakazisa ngeBhayibheli, iziHambisi-mshini, ukuthi uJesu wayenguKristu, kodwa babengakabi nawo aMandla okuhambisa. Niyabo? Yilokho-ke. Kulungile.

¹⁹⁰ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...-hambisi-mishini, kungashiwo ukuthi seninaso isibambiso, ukulinda.

¹⁹¹ Manje, uma nithola aMandla okuhambisa, niphiliswe ekufeni naya ekungafini. Enza wonke umzimba ufike uthobeke iZwi. Ayonenza nizophathe ngokwehlukile, nibukeke nehluke, niphile ngokwehlukile. Ayonenza nehluke nje.

¹⁹² Manje bukani. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... niphiliswe. “Nina enake naba ngabafuleyo ngesono nangeziphambuko, nangobumnyama, Uniphilisile.” Ngani na? “UMoya waKhe owavusa uJesu,” ekuseni ngePhasika, “kwabafuleyo. Futhi uma Ehlala emizimbeni yenu efayo,” manje qaphelani, “Uyaphilisa futhi, ulethana ekuPhileni, uwenza ukuba uthobeke iZwi.”

¹⁹³ Manje, ungazisho kanjani ukuthi unalowoMoya, futhi uziphose wena uphume eZwini na? Uphiliswa ngenye into. Ngokuba, Uyophilisa imizimba yenu efayo iye eZwini. Impela, Uyokwenza.

¹⁹⁴ Ningeke nagijima ngaphandle kwaWo. Niyovele nje nixhaphazele, uma ningakukholwa konke okwaWo. Uma ninengxenywe upetroli nengxenywe amanzi, anizukufika-ndawo. Niyabo? Nifanele niwuthathe ube yikhulu ekhulwini, upetroli. Uma ningakwenzi, niqhuma ngemuva, futhi aninamandla. Niyabo? “Kodwa ngi-ngikhohwa *lokhu*, kodwa angikhohwa *Lokho*,” bha-bha-bha-bha. Anizukufika-ndawo.

195 Kodwa, o, uma nithatha ukugcwala! Mawulayithe kulokho, lonke iZwi liyiQiniso!

196 Bese-ke niqaphela manje, njengoba sivala, qaphelani lokhu. Qaphelani, kufana nje nencane—nencane imbewu ilele emhlabathini.

197 Manje, sekungashiwo, senivukile. Nivuswa uma nemukela uMoya oNgcwele phakathi kini. Nivuswa ngayo leyonkathi. Umzimba wenu sekungashiwo ukuthi usuvukile.

198 Bukani imbewu encane. Itshale emhlabathini. Ifanele iphuze emthonjeni waKhe, amanzi athululeka phansi. Futhi lapho iphuza, iphusha iye phezulu ngakuYe, ilokhu iya ngokufana kakhulu nokufana nembewu eyangena emhlabathini. Niyabo?

199 IBandla lifika ngaleyondlela, ngokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, manje lisekuqhakazeni. Niyabo? UMoya kaNkulunkulu ufika ngalokho.

200 Nomoya wezwe ufike ngomphikukristu, indlela efanayo, namanje uqhakaza enhlanganweni enkulu yamabandla, niyabo, into yonke.

201 Nomuntu ngamunye ufika ngaleyondlela. Yonke into isebenza ngokufanayo, esikalini sikaNkulunkulu esifanayo, ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Qaphelani, endleleni yenu, nikhula niya ekugcwaleni kokuvuka, niholwa nguMoya!

202 Njengelanga, is-u-n ilanga, lidonsa lesosithombo esincane esiphuza emthonjeni kaNkulunkulu, nje kugcina... Niyabo, singaphuza kuphela entweni eyodwa. Ake uthele amafutha phansi phezulu kwaleyombewu encane; uyayibulala. Kunjalo. Thela amanzi amile, amanzi amadala angalungile, onakele, ayoyibhashisa ekutheni ikhule. Ingeke ithele isithelo. Kunjalo na? Kodwa thela amanzi emvula athambile amahle ngempela, amen, kungekho-makhemikhali ezithako zemithi enziwe ngumuntu kuyo, adedele nje avele emazulwini phezulu, futhi usiqaphele lesosithombo esincane. Akukho-manzi ayokhulisa leso njengalawomanzi emvula. Faka iklorini isibulalamagciwane nezinto kuso, njengoba nizama ukuphuzisa thina sona, futhi, into yokuqala niyazi, sibulala isithombo.

203 Yileyo-ke indaba namhlanje. Bazama ukubanika amanzi avela emthonjeni wehlelo, futhi abhashisa ukukhula. Niyabo? Kodwa ake umeke abe ne. . .

Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;
Kungikhanyisa ndawo zonke emini
nasebusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Khona usukutholile-ke, ngaleyonkathi.

Sizohamb'ekuKhanyeni, lokho kuKhanya
 okuhle,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya khona;
 Nje kungikhanyisa ndawo zonke.

²⁰⁴ Susani kimi lemithombo eyenziwe umuntu! Awukho omunye umthombo engiwaziyo; lutho kuphela yiGazi likaJesu! YilowoMthombo kuphela engifuna ukuwazi. IZwi malihlale kimi, Nkosi; Linisele ngoMoya waKho.

²⁰⁵ Qaphelani, manje, uma lowoMoya owavusa uJesu ethuneni, uhlala kini, sekungashiwo ukuthi unakho ukuPhila; uholwa nguMoya, ukuphilisa iZwi kuwe, ukuLikhulwa. Into encane ilokhu iphusha iya phezulu lapho ikhula.

²⁰⁶ Qaphelani, ePentekoste, imizimba yabo yaphiliswa yaba sekuPhileni okusha. Bukani isigejane samagwala amancane.

²⁰⁷ Ngabe nginihlalisa isikhathi eside kakhulu na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Bukani, ngiyafudumala nje, yilokho, ngizizwa ngikahle. O, he!

²⁰⁸ Qaphelani, babeyigwala. Qaphelani. Kodwa, babeneziHambisi-mshini. Niyabo? Kodwa bonke babehlezi emuva phakathi lapho, bethi, “O, ngiyabesaba. O, ngiyesaba ukuphuma ngifune okungokwami, ngoba, o, bonke labobabhishobhi abakhulukazi nezinto phandle lapho. O, ngiyesaba ukuya. Labobapristi nezinto, ngiyesaba ukufuna lokho okungokwami, ngiyesaba ukuthi ngizothi ngangikholwa. O, neke nje ngakwenza lokho, niyabo.

²⁰⁹ Kodwa, kwathi khona lapho, kufika aMandla okuhambisa. Yebo. Futhi Enzani na? Awagewalisanga umoya wabo kuphela, ngaphakathi, kodwa Aphilisa izihambisi-mshini zabo. Imizimba yabo yaphiliswa. Babengasewona amagwala. Baphuma babhekana nabo ngqo abantu. Yebo, mnumzane. “Madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema!” Kuphi, ngaphambi kokuba kufike aMandla okuhambisa, babeyizihambisi-mshini nje. Niyabo? “Madoda enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami! Laba kabadakiwe, njengokucabanga kwenu.”

²¹⁰ Ngingomunye wabo. Lokhu yiLokho! Ngizonikhombisa ukuthi kuyini. NgumBhalo. Lokhu yiLokho! Futhi bengihlala njalo ngithi, “Uma lokhu kungesikho Lokho, mangigcine lokhu kuzekufike Lokho.”

²¹¹ “Qhabo, lokhu kuyiLokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli, kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.” Niyabo, aMandla okuhambisa angena ezihambisini-mshini. Babengasesabi.

²¹² Abanye benu bantu enesabayo ukuthi omunye wesifazane uzonihleka uma ninezinwele ezinde, noma niyeka ukuzipenda ubuso; abanye benu silisa owesaba ukuthi inhlango abanye yakho izokuphosa phandle uma ubhaphathiza ibandla lakho ngombhaphathizo womBhalo; udinga ukuzivalela ekamelweni eliphezulu kuze kufike aMandla okuhambisa. Kunjalo.

²¹³ Abaguqula. Abaphilisa. Abenza behluka. Babengabantu abaguqukile, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Abaphilisa, besuka ekuphileni okudala kokuba yigwala, baya ekutheni babe njengeNgonyama yesizwe sakwaJuda. Ngokoqobo babhekana nokufela ukholo, babethelwa eziphambanweni, babethelwa babhekiswa phansi, bashiswa, baphonswa emphandwini wezingonyama. Akusekho-magwala, ngabo. Ukufa kwakungenakunqoba phezu kwabo, nhlobo. AMandla okuhambisa ayesezihambisini-mshini. Yebo, mnumzane. Aphilisa umzimba wabo ofayo.

²¹⁴ Manje lalelani. Nansi eny'into, ewubufakazi. Abaphilisa kakhulu ngangokuthi baze (niyazi ukuthini?) baphakanyiselwa ezindaweni zaseZulwini, nemizimba yabo efayo waphiliswa ngangokuthi ulwimi lwabo lwaguquka. Kuphela a... Aphilisa ulwimi lwabo. Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Futhi, imizimba yabo efayo iphiliswa, ulwimi lwabo lwaphiliswa. Imicabango yabo yaphiliswa. Imimoya yabo yaphiliswa. Ukuphila kwabo kwaphiliswa. Baphiliswa, ngakho konke! Bazama ukukhuluma, futhi ababange besakwazi ukukhuluma noma ngaziphi izilimi zabantu. Babephiliswe kakhulu phezulu eBukhoni bukaNkulunkulu baze bakhuluma ngolimi olusha, ulwimi lwaseZulwini. Wewu! AMandla anje pho okuphilisa!

²¹⁵ “Uma uMoya owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini,” o, haleluya, “Uyophilisa umzimba wenu ofayo.” Uyenza nenze izinto eningazenzanga ngaphambili. Base begcwele aMandla okuphilisa-ke. Niyabo?

²¹⁶ Umzimba wenu awusasithobeli isono; nina, izifiso zenu.

Uthi, “Phumani lapha!”

Nina nithi, “Vala umlomo wakho.”

“O, sinenkulu ukwedlula onke. . .”

“Vala umlomo wakho.” Wo, uwukhozi!

²¹⁷ Senake nabona ukuthi ukhozi luhamba lukhululekile kanjani na? Alugcogcomi njengenqe, niyabo, kuzo zonke ezifile, naso sonke isibhucu esilele emhlabathini. Qhabo, mnumzane. Luhamba ngokuziqhenya.

“Vala umlomo wakho.”

“O, nanti idina elihle *ngapha*.”

²¹⁸ “Akusilo elami. Niyabo, izifiso zami sesiguqukile. Ukudla okuthandwa yinhliziyoyami kwehlukile. ‘Ngokuba umuntu

akayikuphila ezweni ngesibhucu sodwa, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Ukhozi lwangoqobo oluphilisiwe luphila ngaLokho. Amen!

²¹⁹ O, futhi Wavusa uKristu ethuneni, uhleli kini, uphilise umzimba wenu ofayo eBukhloneni baKhe. Wena uyaWuqonda. Awusesiwo umthuthambi. Uwukhozi. Awuzifuni izinto zezwe. Uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu. Nizitika ngedili eMthonjeni izwe elingazi lutho ngawo. NiyaWuphuza. Umuntu uyazi. . . Izwe elingazi lutho ngawo. Nidla iMana efihlakele izwe elingakaze lazi lutho ngisho ngaYo, ngoba niwukhozi. Niyaphiliswa nikhuphukele lapho eningafinyelela khona kuYo. Ningeke nafinyelela kuYo phansi *lapha*, nifanele nifinyelele phezulu *lapha*. Nifanele niphilisiwe, niphakanyiselwe lapho, ukuze Uphilise.

²²⁰ Benzani na? Bakhuluma ngolunye ulwimi. IBhayibheli lathi bakwenza. “Bakhuluma ngalo lonke ulimi oluphansi kweZulu.”

²²¹ Ake nibheke nje lokho, leyomizimba emidala efayo ophakathi lapho, uthi, “Awu, angazi manje noma ngingakukholwa yini lokhu noma qha na?”

²²² Khona manjalo, baphiliswa kakhulu ngangokuthi isibindi seNgonyama yesizwe sakwaJuda sehlela Phakathi kubo, phezu kwalesosiThungo esizuliswayo. O, loloKhozi lufikela ukuzobiza abaLo uQobo! “Futhi abazithandanga izimpilo zabo kwaze kwaba sekufeni.” Amen.

Futhi bazoba baningi abazonikela ngegazi lokuphila kwabo

Ngenxa yaleliVangeli likaMoya oNgcwele nozamcolo waLo obomvu.

²²³ Nendodana izofanele ye—yembulwe futhi, phakathi kuMlobokazi ngosuku lokugcina; aMandla aphilisayo azofanele afike, abaphilise baphume kulamahlelo afile nezivumokholo, baye eZwini eliphilayo likaNkulunkulu ophilayo. O!

²²⁴ Qhabo, Wabaphiliselwa ekuPhileni okusha. Usenzela into efanayo manje. Qaphelani, manjena-ke, baphiliswa kakhulu kulawoMandla aphilisayo! Manje Ngi. . .

Lalelisisani manje. Ngizama ukunibonisa.

²²⁵ AMandla aphilisayo ayengekho emphefumulweni wabo kuphela, kodwa Ayendawo zonke kubo. A. . . Akungeni wona aMandla okuhambisa kuphela, ukuphilisa, kodwa Aphilisa izihambisi-mshini. Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na? Baphiliswa kakhulu ngangokuthi izilimi zabo zaqala ukukhuluma ngolunye ulwimi. Baphiliswa kakhulu ngaMandla okuvuka kukaKristu, baze babeka izandla zabo. . . Baphiliswa kakhulu ngaMandla aphilisayo, kwaze kwathi, ngenkathi bebeka izandla zabo phezu kwabaguluyo, basinda. “Uphilise umzimba wenu ofayo.” Baphulukiswa, ngokubeka isandla sabo.

226 NoMoya waphilisa inhlanganyelo yabo ndawonye kanye noNkulunkulu, baze baphiliswa futhi kakhulu eBukhoneni bukaNkulunkulu kwaze kwathi, ngenkathi umuntu efa nomphefumulo wabo uphume wahamba, Wambiza wabuye waphila futhi. Amen! Udumo! Manje ngizizwa nginokholo.

227 Kunjalo, baphiliswa! Kwakungesikhona ukuvuka kwaKhe okungokwaKhe kuphela, kodwa lowo othandayo, kuleMbewu eyamiselwa ngaphambili leyo elele lapho. Uyaphilisa, uphilisa umzimba ofayo!

228 Babeka izandla phezu kwabagulayo; basinda. Bakhuleka; eMoyeni babona umbono, babiza abafileyo babuye baphila. Kunjalo. “Waphilisa umzimba wabo ofayo.”

229 Uma Ungena kuwe; uma kuba njalo. . . Manje, ningathi kunjalo; kodwa uma kuba njalo, lezizibonakaliso silandela lokho, niyabo. “Uphilisa umzimba wenu ofayo.” Uzoniphilisa.

230 Manje, qaphelani, uphilisa eBukhoneni bukaNkulunkulu. Ngani na? KwakunguMoya kaNkulunkulu owavusa uJesu ethuneni. Futhi, uMoya kaNkulunkulu, “Ngibanika ukuPhila okuPhakade,” livela egameni lesi Greki, uma ulibhekisisa, *Zoe*, okuKuhambisa ngawe bese kuphilisa (wabo) ngisho nomqondo wabo.

231 Manje bukani. Ningasho kanjani ukuthi lowoMoya uhlala kini na? [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kahlanu—Umhl.] Nakuba nenze konke ebenicabanga ukuthi bekulungile, nabu ubufakazi benu bokuthi ninaWo yini noma qha. Uma uMoya owawukuKristu ukini, Uyaniphilisa nani eZwini, ngokuba UyiZwi. Futhi uma khona, kuphambene, kuniphilisa kunidedise eZwini, khona-ke akusiwo uMoya kaKristu! . . . khathali ukuthi nenzeni, kuze Lokho kukuhambise kukufake eZwini. “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, futhi ziyophila ngawo onke amaZwi,” onke amaZwi! Ngangikhuluma ngalokho ngeliny’ilanga.

232 Umama wami uqobo, sewahamba manje, futhi wayengowesifazane oyingqaba. Futhi waye, niyazi, cishe wayeyiNdiya ingxenye, futhi wayeyinqaba. Kodwa phakathi lapho wayengumuntu owayengaphuphi. Kodwa angicabangi ukuthi. . . Waba namaphupho amane noma amahlanu kuphela, yonke impilo yakhe. Kodwa ngaso sonke isikhathi uma ephuphe iphupho, laliyiqiniso. Wayenephupho, laliyiqiniso.

233 Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi ngiqala ukushumayela, eminyakeni eminingi eyedlula. Sasihlala khona enhla lapha emgwaqeni, ngenhla kwalapha impela nje. Ngangishumayela khona lapha kulelibandla. Futhi waphupha iphupho, ukuthi ngangimi lapha eceleni kwezitebhisi ezintathu. Futhi ngangimi, ngishumayela kuwo wonke umuntu, ukuthi bafanele bakhuphuke kulezizitebhisi ezintathu ngaphambi kokuba bafike emgwaqeni omkhulu. Futhi emgwaqeni omkhulu

kunomugqa omncane ongathi yiparele, uqonde ngqo uyongena e—e—eminyangweni yaseZulwini, uya esangweni eliyiparele. Naleloparele lalinwebeke laphumela phezu kwalezizitebhisi. Uma lowo kungesiwo uMlayezo wami ncamashi namhlanje; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele! Futhi ngangithi umuntu ufanele eze ngalezizitebhisi ezintathu, ukuze akwazi ukuhamba ngalowomgwaqo omkhulu. Futhi ngasho ukuthi . . .

²³⁴ Kwakukhona inenekazi elaliza. Manje, niyazi ukuthi hlobo luni lwezicathulo olwalugqokwa abantu eminyakeni engamashumi amathathu-nanhlanu eyedlula. Kwakukhona inenekazi liza, laligqoke ipheya elikhulukazi njengoba bezigqoka namhlanje, izicathulo ezinezithende eziyinsinjana ecijileyo. Futhi liyeza. Futhi ngathi, “Awulinde kancane, dadewethu. Ungeke uhambe kulowomgwaqo omkhulu ngalokho.” Futhi ngathi, “Wena—wena, ungeke ukwenze lokho.”

²³⁵ Lase lithi, “A!” Lathi, liqalaza ngakubo bonke abesifazane, lathi, “Ningamkholwa. Uwuhlanya. Niyabo? Ningamkholwa. Ngizonikhombisa ukuthi ngingalungisiswa, ngingcweliswe, futhi ngigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi ngibe ngisalokhu ngikwazi ukuhamba lapho.” Futhi la . . . Ngavele ngaliyeka lahamba. Angibange ngisenza lutho ngakho, angikwazanga ukulimisa. Futhi lagxumela emgwaqeni omkhulu. Futhi labheka emuva kudade, lathi, “Uyabo, ngikutshelile!” Laqala ukugijima lenyuka, futhi la . . .

²³⁶ Niyazi, njengoba iBhayibheli lasho, kuIsaya, isahluko 5, ukuthi ayoba “nezintamo ezeluliwe.” Ayokwenza; ahamba ephoseka, niyabo. “Ecokama . . .” Ayakwenza, ayazibinya, “Ehamba ecokama, ekhenceza ngezithende zawo; niyabo, amadodakazi aseSiyoni ngosuku lokugcina.”

²³⁷ Futhi laqala ukwenyuka ngalowomgwaqo omkhulu, ligijima ngelikhulu ijubane. Futhi, emva kwesikhashana, umgwaqo waya ngokuncipha ngokuncipha. Laqala ukubhadazela, licokama *kanjalo*, futhi laze layoshona.

²³⁸ Nomama wathi, “Ukudazuluka okwesabeka kunakho konke esengake ngakuzwa empilweni yami, kwakuyilowo wesifazane ewela kulawomalangabi nentuthu, ehla, phansi kanjalo.” Wathi, mina “ngaphenduka ngase ngithi ‘Niyabo?’”

²³⁹ Lakuthobela konke nje ngaphandle kweZwi elilodwa, niyabo, konke ngaphandle kweZwi elilodwa. Impela, abesifazane bePentecostal bangasindiswa, bangcweliswe, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bese-ke beyehluleka. Ngoqobo. “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngawo onke amaZwi aphumayo.” Niyabo? Niyabo? Futhi lehluleka kuLo. Futhi njengoba ngasho, niyabo, laliyohamba lingene, kahle, kodwa, niyabo, lehluleka ukulalela; ngilitshela ukuthi kwakukhonani ngaphambili. Futhi Ulobe

iVangeli ngabafundi, abaphostoli, neMfundiso yabaphostoli nabaprofethi, nokunjalo, futhi ngeke balalele.

²⁴⁰ Manje qaphelani laMandla aphilisayo, Zoe, eletha iZwi, umqondo owawukuKristu wawusukini-ke ngalesosikhathi. Ngizama ukunibonisa, ukuthi, nina, ngenkathi nivuka. Ngenkathi uNkulunkulu evusa uJesu kwabafuleyo, Wanivusa, nani. Kanti futhi waniphilisela ekuPhileni, kanye naYe, manje seniphiliselwe ekuPhileni, nakuba ngaleyonkathi naniseyinxenye kuphela emicabangweni yaKhe, kodwa uNkulunkulu wayekubonile konke kuYe, ekuqedeni, niyabo. Ngenkathi uNkulunkulu ebuka phansi emzimbeni . . .

²⁴¹ UMoya waMshiya, eNsimini yaseGetsemane. Wayefanele afe, umuntu. Khumbulani, bangane, Wayengadingekile ukuba enze lokho. Lowo kwakunguNkulunkulu. UNkulunkulu wagcoba leyonyama, okwakuyinyama yomuntu. Futhi Akazange. . . Ukuba Wayenyukele lapho, njengoNkulunkulu, Wayengeke afe lolohlobo lokufa; ungeke ubulale uNkulunkulu. Kodwa Akadingekanga ukuba akwenze.

²⁴² Kodwa, khumbulani, Waya lapho enani nikuYe. Niyabo, uNkulunkulu wayengakaze ehlukalise uMlobokazi kuMyeni, namanje. Ngakho ngenkathi uNkulunkulu ebuka phansi emzimbeni kaKristu, Wabona bobabili owesilisa nowesifazane. Konke kwahlengwa kulowomzimba owodwa. Niyabo? Bamunye, bayafana, iZwi elifanayo. IZwi elifanayo, elakhuluma ngoMyeni, likhuluma ngoMlobokazi.

²⁴³ Awu, angeza kanjani uMlobokazi, futhi ehluleke ukubonakalisa konke okwethenjiswa nguYe; noMyeni efika, futhi Angabi wuMlobokazi na? Kodwa ngenkathi Enza zonke izinto, ngisho nokukufakazisa ngokuzivusa Yena uqobo kwabafuleyo, kamuva, manje-ke akufanele yini u—uMlobokazi ukuba enze into efanayo, abe yikho impela iZwi elathi Uyoba yikho ngezinsuku zokugcina na? Akafanele yini abuyele kuMalaki 4 na? Akafanele yini ukubonakaliswa njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma na? Alifanele yini izwe libe njengoba linjalo impela na? Lezizinto azisiyo yini inkomba ephelele yeZwi likaNkulunkulu elibonakaliswe kithi na?

²⁴⁴ Awu, bangane, ngiyazi nginibambezele isikhathi eside, kusasele imizuzu eyishumi nanhlanu nce kushaye idina, kodwa mhlawumbe ngiyobe sengiqedile ngalesosikhathi. Kodwa qaphelani, bukani lapha, into ephelele kanje pho. Angazi ukuthi ngiyobuye nginibone nini futhi. Niyabo?

²⁴⁵ Bukani, qaphelani lokhu. Kodwa uNkulunkulu wambona ngaphambili uMlobokazi ekuMyeni. Haleluya! Niyabo, ukusindisa uMkaKhe, njengoAdamu, Wafanele ahambe naYe. UAdamu wayazi ukuthi wayenzani; uEva wayengazi ukuthi wayenzani, kodwa uAdamu waphuma nomkakhe. Niyabo? NoJesu wathatha indawo yoMkaKhe futhi waba yisono ngenxa

yaKhe. Khumbulani, Waba yinina, Wamela isijeziso senu, ukuze nime endaweni yaKhe. Wama endaweni yenu, ukuze nime endaweni yaKhe. Uthando olunje pho! Inhlanganyelo enje pho! Singakuphika kanjani na? Singakwenza kanjani okunye ngaphandle kokuthi siMthande, mngane na? Ngingahlala kukho amahora, kodwa ake sithi ukuqhubeka kancane.

²⁴⁶ Njengolwazi lokuzibonela lwamapentecostal namhlanje, nokufika kukaMoya oNgcwele kulolu izinsuku zokugcina, njengoba kwethenjisiwe, kunjengencwadi ewubufakazi encwadini yelungelo lobunikazi. Niyabo?

²⁴⁷ Manje, ningathola itayitela. Impela. Niyabo? Ningathola itayitela lendawo, kodwa akukasho ukuthi isingeyakho. Qhabo, mnumzane. Omunye umuntu phambili le emuva wayengafika athi ngeyakhe. Kodwa uma uthola incwadi ewubufakazi, lokho kukhombisa ukuthi yonke into elokhu njalo imelene nakho iyasuswa, ibuyela emuva ngqo esisekelweni. Kunjalo na?

²⁴⁸ Futhi uma indoda ithe ikholwa yiZwi, bese kuthi-ke uma uMoya oNgcwele ufika Uyincwadi ewubufakazi etayiteleni. Nalokho kuninikeza invume, uma ninaleyoncwadi ewubufakazi, konke nokuncu kwalokho kungokwenu, futhi konke okukuyo kungokwenu. Amen! [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Futhi lokho kusinika incwadi ewubufakazi, uma uMoya oNgcwele ufika phezu kwalencwadi yelungelo lobunikazi uNkulunkulu abona emuva ngaphambili phambi kokusekelwa kwezwe, futhi wafaka igama layo eNcwadini yokuPhila; kodwa wazalwa ngowesilisa nowesifazane, futhi uphansi kwesono, futhi unecala lesono. Kodwa ngenkathi ngikholwa kuWo, ngemukela incwadi yesibopho ehambisana nomthetho; kodwa ngenkathi kufika uMoya oNgcwele, Wawuyincwadi ewubufakazi ukuthi yonke into eyayimelene nami, noma ngabe kwenziwe ngumama wami, kwenziwe ngubaba wami, kwenziwe ngugogo wami . . .

²⁴⁹ Njengomncane, umntwana onesithuthwane engimkhulekelile emizuzwini embalwa edlule, esifika ngomkhulu nogogo. Isithuthwane sehlela phansi, naphezu komntwana, ngisho njalo.

²⁵⁰ Kodwa lapho sekufike incwadi ewubufakazi, Kushayile, kwayeka yonke into. Sengingumnini wencwadi ewubufakazi-ke. Amen! Futhi njengokuqiniseke ngempela ngoMoya owavusa uKristu kwabafileyo, nginencwadi yesibopho ehambisana nomthetho eyincwadi ewubufakazi ukuthi ngiyingxeny yalowoMzimba, nencwadi ewubufakazi kaMoya oNgcwele wenza lowomzimba weZwi uphile kahle ngokufana nje ncamashi njengoba Wenza kuYe, njengoba Ethembisa ngosuku lokugcina. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Incwadi ewubufakazi! Zonke izono zami ziyacinywa, zonke izono zenu ziyacinywa, ngeGazi likaJesu

Kristu, noMoya oNgcwele ufika njengencwadi ewubufakazi encwadini yelungelo lobunikazi uNkulunkulu angipha yona ngomusa, ngokwazi ngaphambili. O, he!

²⁵¹ Nethuswa yini na? Akumangalisi Athi, “Ningesabi; NginguYe owayefile seNgingophilayo futhi; futhi sengingophila kuze kube-phakade; futhi ngingezihluthulelo zokufa nezehayidese.” Ningakhathazeki ngalutho. Ngisho nokufa akuzukunilimaza. Qaphelani. Kuhle!

Asihambe masinya impela manje.

²⁵² Itayitela eliyincwadi ewubufakazi! Isikweletu sesikhokhiwe. Yonke into emelene nakho yesuliwe. Ha-ha-ha! Udumo! Ngingahle ngiziphathise okwesithutha, kodwa ngizizwa ngikahle. Qaphelani. Niyabo? O, incwadi yesibopho ehambisana nomthetho eyincwadi ewubufakazi, niyaqonda yini ukuthi lokho kuchaza ukuthini na? Uyaqonda ukuthi lokho kuchaza ukuthini, mfowethu na, mfowethu? Akukho okungakwephuca yona. Amen. Ngingumnikazi. Amen. Enje pho . . .

²⁵³ Ncwadini yesibopho ehambisana nomthetho na? Manje sengithole ukheshe ekubeni yindlalifa kwami, yokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka. Uba yimina, ukuze ngibe nguYe. Manje, Waba yisoni, ukuze ngibe yindodana, amen, bese ngibamba incwadi yesibopho ehambisana nomthetho eyincwadi ewubufakazi. “Ngokuba lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” niyabo, incwadi yesibopho ehambisana nomthetho eyincwadi ewubufakazi!

Manje masinya, ngaphambi . . . Siseneminye imizuzu cishe eyishumi.

²⁵⁴ Asiqapheleni manje, masinya, ukuphilisa kukaMoya. Ngizonikhombisa ezinye izibonakaliso ukuze niqonde. Bukani, manje bhekisisani ukuthini, la “Mandla aphilisayo” bekuyindaba yami. Emva kokuba iNdodana isivukile, bukani ukuthi Wenzani phezu kwabo ePentekoste, ukuthi Wenzani kubo, ukuthi lawoMandla aphilisayo enzani kubo. Abaphilisa.

²⁵⁵ Manje ake siqaphele ukuthi Enzani kuStefanu. UStefanu wayegcwele aMandla aphilisayo. Kwakungenjalo lokho na? Niyabo, wayegcwele aMandla aphilisayo. Awamenzanga ashaywe wuvalo. Wathi, “Nina-bontamo-zilukhuni abangasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nimelana njalo noMoya oNgcwele; njengoyihlo, ninjalo nani. Ngumuphi oyedwa wabaprofethi owakhombisa ukuza KoLungileyo, oyihlo abangamkhandanga ngamatshe na?” O, he! Enza okuthize kuye. Impela, wayegcwele aMandla aphilisayo.

Futhi bathi, “Sizomsusa lowomfo!”

²⁵⁶ Futhi ngenkathi efa, bamkhanda ngamatshe; nekhanjana lakhe bandla, amatshe elishaya kanjalo. Wabheka phezulu wayesethi, “Ngibona amaZulu evulekile.” AMandla aphilisayo

ayesebenza. “Ngibona amaZulu evulekile, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu.” Yilokho aMandla aphilisayo amenzele khona uStefanu.

²⁵⁷ Qaphelani omunye umfo, wayenalaMandla aphilisayo, igama lakhe kwakunguFiliphu. Wayegcwele kakhulu aMandla aphilisayo. Wayenomhlangano omkhulukazi ezansi eSamariya. Odeveli babekhishwa. Abantu wayebhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Babenomhlangano wangempela. NoMoya wakhuluma kuye, o, a—aMandla okuhambisa ehla, futhi Wathi, “Ishiye lemvuselelo.” Kodwa pho bazothini abefundisi na? Akwenzi-mehluko ukuthi bathini. Niyabo? Wayegcwele aMandla aphilisayo. Wayenopetroli, na—aMandla okuhambisa ayehlela phezu kwakhe. Wathi, “Phuma uye ogwadule.”

²⁵⁸ Futhi wathola umthenwa lapho, futhi wambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu; indoda eyodwa, eyathatha uMlayezo yehlela nawo e-Etiyopiya. Kunjalo na? Futhi wamlalela uNkulunkulu.

²⁵⁹ Ekulaleleni uNkulunkulu, uma ningakaze nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kwenzeni, futhi niqaphele aMandla aphilisayo enithatha-ke. Niyabo?

²⁶⁰ Ngenkathi uStefanu esenze lento enkulu...noma, hhayi uStefanu. Kodwa uFiliphu esenze lento enkulu, ukushiya leyomvuselelo enkulu futhi walalela imiyalo kaNkulunkulu, ngenkathi egcwalisa, ngokugcwalisa...Ngokubhaphathiza lomthenwa, ekulaleleni uNkulunkulu, wayegcwele kakhulu aMandla aphilisayo aze Amhlwitha. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] “Uyovusa umzimba wenu ofayo, uma loMoya owavusa uJesu kwabafileyo.” Waphilisa uFiliphu waze wangabe esabonwa mhlawumbe amamayela ayikhulu namashumi amahlanu, ngale kwenye indawo, ngale kwelinye izwe. Waphilisa umzimba wakhe ofayo. Wakwenza kanjani na? Wayegcwele kakhulu aMandla aphilisayo.

²⁶¹ O, Bandla likaNkulunkulu ophilayo, ngeke sama khona lapha encenceni encane enoshukela esiyincelayo khona lapha namhlanje. Sifanele sigcwele futhi sibe ngabakhulekile, ngaMandla aphilisayo, kuze kube ngukuphilisa kukaMoya oNgcwele! Sifanele sihlwathwe, ngeliny’ilanga, kuloloHlwitho olungaleya. Yebo, mnumzane. Amen! O, he!

²⁶² Ngiyaxolisa ngalesosisho. Bengicabanga ngomama owenza lawomasaka amancane, sasivamisile, kwenzelwa ingane. Abanye benu bomama abadala niyakukhumbula. Ingane endadlana iyaklabalasa; uthathe izinhlamvu zekhofi noshukela, ukusongele esakeni futhi uyincelise lona, ukuyiduduza nje. Akukho—mandla kulokho. Kuzoyibulala. Niyabo? Leyokhafeyini endala isidakamizwa esiphakathi lapho, nezinto, okuthe ukunandiswa ngoshukela ukuyenza iligwinye lehle, kufaka ikhafeyini isidakamizwa kuyo.

²⁶³ Sesikhathele yizinto ezinjengalokho. Buyelani emuva! Niyizinkozi; nibuyele eZwini likaNkulunkulu! Yibani bakhulu niqine; akukho okungalimaza imizwa yenu, khona-ke nikhululekile kukho konke ukuhlanjalazwa ngumuntu. Noma ngabe yimuphi umuntu ukuthi uthini ngawe, lokho nje kuvele kulethe olunye futhi uthando. Amen. Futhi, aMandla aphilisayo, ahlwithela le emaZulwini, ukhozi olundizele phezu kwamachwane ezinkukhu, lwaya ngaleya ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu! O!

KwakukuFiliphu. Lokho kwamphilisa, kwamhlwitha.

²⁶⁴ Asithathe enye indoda. Kwakukhona indoda egama linguEnoke. Manje, wayekade ehambe nalo lonke iZwi likaNkulunkulu, cishe iminyaka engamakhulu amahlanu. Wayenobufakazi, bokuthi, “Angikaze nakanye ngehluleke eZwini laKhe.” Wagcwala kakhulu aMandla aphilisayo ngenkathi aMandla okuhambisa emshaya, kulezoziHambisi-mshini, akadingekanga ngisho nokuthi afe; wavele nje wenyukela eKhaya. Waqala ukuhamba nje. Wayekakhulu... NjengoFiliphu, wagcwala kakhulu aMandla aphilisayo, esikhundleni sokuwelela eGaza futhi aye kwenye indawo, lapho bamthola enhla emazweni angasenhla lapho. Esikhundleni saleyondlela, wavele wahamba nje, o, wathi “Sengiyikhehla, empeleni. Ngisanda kuthola amaningi kakhulu aMandla aphilisayo, ngizovele ngihambe nje ngiphume impela emhlabeni.”

²⁶⁵ YilawoMandla afanayo aphilisayo esinawo njengamanje. Niyabo, Uyophilisa umzimba wenu ofayo. Lokho akunjalo na? NgaMandla aphilisayo.

²⁶⁶ UEnoke, enalobo bufakazi obuphelele, ukuthi, “Konke uNkulunkulu angitshela ukuba ngikwenze, ngakwenza. Konke engikubonile Athi angikwenze, ngikwenzile.” Futhi ugcwala kakhulu a—aMandla okuhambisa, noma—noma iziHambisi-mshini, kwaze kwathi, lapho aMandla aphilisayo emshaya, iziHambisi-mshini, Avele nje amphakamisa ngqo. Wahamba waphuma emhlabeni, wayongena eZulwini.

²⁶⁷ Manje, manje qaphelani. Phezu kukaElija, emva... Bukani, uElija, lowomprofethi omkhulu, indoda ngosuku lwayo. Ngiyaxolisa. Mfowethu, dadewethu, ngalolosuku wayekade ebaqhumisile labo besifazane abapende ubuso, laboJezibele noAhabi, futhi wama kwaze... Futhi akukho-muntu, sengathithi, owama naye. Futhi wakhuza, futhi washwabadela, futhi wama phandle lapho, noNkulunkulu wayekade emnakekele futhi wamsiza ezindaweni zonke. Niyazi, umfo omdala wakhathala ngeliny’ilanga. Wathi, “Sengigugile, ngakho nje angisakwazi ukuqhubeka.” Wayeselapha, ngiqagele, eminyakeni engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala; esemdala ngempela, futhi ehambahamba ngapho, futhi

wayegwele kakhulu aMandla aphilisayo. Niyazi ukuthini? Wabuka ngaphesheya kweJordan.

O Nkulunkulu! Sengathi ngiyayibona impela enye indawo. Aniyiboni nina na?

²⁶⁸ Egcewele kakhulu aMandla aphilisayo, waze, wayibona inqola ihhakwe laphaya, amahashi athize oMlilo nenqola yoMlilo, kuhhakwe esihlahleni laphaya. Wavele nje wahamba wawela umfula wase eya eKhaya, ngaphandle ngisho kokufa. AMandla aphilisayo ahamba, abangela inqola ukuba yehle ivela eZulwini yamenyusa. Bahlwitha ngisho ibhantshi lakhe baliphosa emuva benzela uElija. Kunjalo.

²⁶⁹ Manje, wase-ke lowomfo ecosha leyongubo, umfanekiso webandla futhi, niyabo, wacosha leyongubo. Manje, wenza izimangaliso eziphindwe kabili, okungumfanekiso kaKristu neBandla. Niyabo? UElija wenze ezine; yena wenze eziyisishiyagalombili. Niyabo, manje, waye—wayenamandla aphindwe kabili, ngoba wawacela. “Izinto ezinkulu kunale eNgiyenzayo mina niyakuzenza.” Niyabo? Kodwa wayegcewele kakhulu aMandla aphilisayo, nakho konke, waze wenza zonke lezi, waphinda kabili, lokho okwenziwe nguElisha, ngaphezu kwalokho akwenzayo. Futhi qaphelani, waphila impilo eyaqhubeka njalo waze waba cishe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili noma amashumi ayisishiyagalolunye ubudala, waguga futhi wa—wafa. Wafa, futhi ba—bamkhipha bamngcwaba.

²⁷⁰ Niyazi, awu, lawoMandla aphilisayo awazange amshiye. Eminyakeni eminingi, emingi emva kwalokho, lapho inyama yase ibole yonke yasuka emathanjeni akhe, wayelele ethuneni. Futhi babethwele umuntu ofile ngeliny’ilanga, futhi babona isitha, futhi bavele baphosa lomuntu phakathi phezu kwamathambo kaElisha. Kwakukhona aMandla amaningi kakhulu aphilisayo kulawomathambo umuntu waze wagxuma waphila futhi. O!

²⁷¹ “Uyophilisa umzimba wenu ofayo.” Nakuba wayefile futhi esebolile ethuneni, kepha nokho lawoMandla aphilisayo ayephumule phezu kwalowomhlabathi. Haleluya! Mm! “Lowo owavusa uKristu kwabafileyo uphilisa nomzimba wenu ofayo.” UElija emuva lapho, uElisha noElija . . .

²⁷² Khumbulani, lowomuntu owayefile, lowomprofethi, egcewele lawoMandla aphilisayo, elele ethuneni futhi esebole waphela; kwakukhona aMandla amaningi kakhulu aphilisayo, kwaze kwathi, baphosa umuntu ofile phezu kwakhe, waphila. Wayesangazibeka izandla phezu kwabagulayo. Wayengeke na? Amen. Nakho lapho enikhona.

²⁷³ Futhi khumbulani, siyinyama yenyama yaKhe, uJesu Kristu. “Siyinyama yenyama yaKhe, namathambo amathambo aKhe.”

O, ayikho indlela yokuphuma kukho. Sizovuka, futhi yilokho kuphela. Nizovuka, yilokho kuphela.

274 IPhasika lisho okukhulu kunesiko nje. Kumanje futhi, ngokuba imizimba yethu iphiliswa naYe futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini.

275 Nalomzimba ungaboleta olwandle; ungaboleta emhlabathini; kungahle kungabikho-sipunu esigcwele semilotha; kodwa uzovuka owesifazane. Ngokuba, uMoya owavusa iNkosi yami kwabafuleyo uphilise lomzimba ofayo. Uphilise umzimba wenu ofayo. Futhi siyizindlalifa zaKhe zokuvuka kwaKhe, ipholisi yakhe yokuPhila okuPhakade engikhuluma kakhulu impela ngayo, niyazi. Akumangalisi Athi, “Ningesabi.” Uyokwazi.

276 Ngokuba njengoba uPawulu wathi, “Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Ngigcwele aMandla aphilisayo. Makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.” Yebo, mnumzane! AMandla aphilisayo. O, he!

277 Uphila kuze kube-phakade naphakade, “onguye izolo, namuhla, naphakade.” AmaHeberu 13:8. Qaphelani, uMesiya, Ogcotshiweyo; unjalo noMlobokazi waKhe, abakaMesiya, niyabo, Ogcotshiweyo.

278 Qaphelani, ukufa akuwamisi aMandla kaNkulunkulu aphilisayo. Ukufa ngeke kuWamise. Uma ninaWo, APhakade. Akukho lutho oluzoWamisa. Ungeke uWafake amahhanisi; ungeke—ngeke wenze lutho kuWo. Uphunyule impilo yakho, nalokho futhi akuWamisi; alokhu enjengoba Ayenjalo nje.

279 Qaphelani, uMose ugwele lawoMandla aphilisayo. Wayenjalo na? Wayengumprofethi eleza kuye iZwi. Wayeyingxenye yeZwi. WayeyiZwi lalolosuku. Kunjalo na? Futhi emva kokuba esafa, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili; eNtabeni yokuGuqulwa isimo, nango emi, noElija. Kunjalo na? AMandla aphilisayo, ukufa akuWasusi neze. Qhabo, qhabo. “Ngiyokuvusa futhi.” Izingelosi ziyafika; zambela phansi lapho esigodini. Wayesebolile waphela, amathambo akhe lase liphelile, nakho konke okunye, kodwa aMandla aphilisayo ayesalokhu ekhona. Amphilisa futhi amvusa. Futhi nango wayelapho, emi lapho. Qaphelani.

280 Nina nithi, “Kunjalo, Mfowethu Branham, emva kweminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili na?” O, he!

281 Uma benizofunda kuMathewu, ngingomBhalo, uMathewu 27:51. Ningabhala, nikubhale phansi. Ngenkathi bonke labo emuva lapho, abakholwayo ukuthi Wayezofika... IBhayibheli lasho lapha, emva kokuba Esefika, babelele emhlabathini. AMandla aphilisayo ayephezu kwabo, futhi babeyingxenye yaKhe, labo abangcwele. Babayingxenye yaKhe, ngoba babekholiwe nguYe.

282 Kungashiwo ukuthi base benakho lokho kuPhila, ngomhlatshelelo wemvu, inhlawulo, eyayingeke neze ibuyisele umoya wemvu phezu komuntu. Kunjani-ke manje ngoMoya woMuntu, uNkulunkulu qobo lwaKhe, phezu kwakho, niyabo, maningi kakhulu kangakanani-ke aMandla aphilisayo esinawo! Kodwa ngenhlawulo yesono kwakunikelwa ngewundlu, ngomfanekiso. Esinakho akusiwo umfanekiso; kungokwangempela. Sishaywa wuvalo lwani pho? Nalabo bafu ababemfanekiso kuphela, ukhomba ekuvukeni kwaKhe, futhi wehlela ethuneni nakho.

283 NjengoJobe emuva lapho phansi kokukhathazeka kwakhe okukhulu, wo, yonke into yasuswa kuye! Udeveli wathi, “Angimthole. Ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho.” Wase egqashula-ke.

284 Wathi, “Ungakuthathi ukuphila kwakhe.” Futhi wakwenza (yena) konke ngaphandle kokuthatha ukuphila kwakhe.

285 Futhi ngisho nomkakhe wamphendukela. Wathi umphefumulo wakhe wase uphenduke waba yinqaba kuye. Ngamany’amazwi, wa—wayengasafune kuhlenganisa lutho naye. Wabonakala engasamthandi nhlobo, wavele wamfuqela laphaya. “Jobe, usulusizi! Awumthuki ngani nje uNkulunkulu, ufe na?”

Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” O, he!

286 Niyabo, wabambelela ngokuyikho kulokho ayenakho. Manje, wayengumprofethi. Wathi, “Angisiso isoni. Nginikele ngomhlatshelelo omisiweyo.” Amen. Wayazi ukuthi wayemi kuphi. WayeseZwini. Akunandaba ukuthi abanye bathini, wayekhona lapho eZwini. Kwase kuthi-ke lelohora elesabekayo. . . Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Wathi, “iNkosi iphile, iNkosi iyakuthatha; ngani, malibongwe iGama leNkosi!” Wathi, “Ngifika kulelizwe ngingenalutho. Ngifika lapha, ngize, ngiyophuma ngendlela efanayo. Malibongwe iGama leNkosi!” Ehlezi lapho, ephihlike amathumba, abantwana bakhe befule, wayeshaywe ubumpofu, nabangane bakhe bonke bamphendukela, amalunga akhe ebandla, konke okunye, ezenwaya nge. . . Futhi ukuhlupheka okulusizi kanje pho! Akekho noyedwa kini oseke wedlula kulokho namanje. Wayesalokhu, ebambelele kuleloZwi.

287 Wayewukhozi. O, he! Ungeke ulokhu umboze amehlo akhe ngaso sonke isikhathi. Qhabo, qhabo. Khonamanjalo, emi kuleloZwi, kwenzekani na? Izibhakabhaka zahlubeka, imidumo iqala ukuduma, umbani uqala ukubaneka, noJobe wabheka phezulu futhi wabona umbono, wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila. Ngezinsuku zokugcina Uyoma phezu kwalomhlaba. Nalapho izibungu zesikhumba sami sesibhubhise lomzimba, amathambo nakho konke, lawoMandla aphilisayo ayoba khona. Ngiyakumbuka uNkulunkulu mina, Engiyakumbona uqobo

lwami. Amehlo ami ayakumbona kungabi njengomfokazi.”
Kunjalo na? “Okuphakathi kwami kuyaphela esifubeni sami,
nakuba izibungu ezisemzimbeni wami manje, ziyowubhubhisa.”

²⁸⁸ Niyazi, izibungu zesikhumba azizi kini. Lesosibungu sesivele
sikini, izibungu zesikhumba sakho uqobo. Sena-ke nakuqaphela
lokho na? Abakufake ebhokisini lomngwabo, bese belivala
kungangeni-moya; izilwanyakazane ziyokudla zikuqede,
ngokufanayo nje, ngoba zikuwe. Uyisiswenya sezilwanyakazana
nje, kwase kuqaleni nje, ngaphakathi.

²⁸⁹ “Noma izibungu zesikhumba, izibungu zesikhumba
sami singibhubhisa, inyama yami, nokho enyameni yami
ngiyakumbona uNkulunkulu.”

²⁹⁰ Futhi ngalokho kusa kokuvuka! Udumo! Haleluya!
UMathewu, lombhali omkhulu, 27:51, wathi, “Emva kokuba
Esevukile kwabafileyo, ukuthi abangwele beTestamente
eliDala, abanengi balabo ababelele othulini lomhlaba, baphuma
bevuka ethuneni, base bengena emzini babonakala kwabaningi.”
LawoMandla aphilisayo, ayesekulawomathambo kaElija
lapho okwakungasekho-mathambo, noma kunjalo kuJobe
lapho kwakungasekho sipunu esigcwele sothuli olwalusasele
emzimbeni wakhe. Kodwa aMandla aphilisayo ayeselokhu
ekhona.

²⁹¹ “Uma loMoya owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini,
Uyonivusa emzimbeni wenu ofayo.” Qaphelani, masinya manje.

²⁹² Wena uthi, “O, ngifisa sengathi ngabe ngaphila emuva . . .”
Uphila esikhathini esingcono. Manje uma nonke . . .

²⁹³ Nginyanibona nibhala phansi imiBhalo. Kulungile, bhalani
phansi kwabaseThesalonika bokuQala 4:16. Qaphelani ukuthi
kuhle kanjani, niyabo. E . . . “Abangwele, labo abalele
kuKristu, uNkulunkulu uyakubaletsa kanye naYe,” niyabo,
abangwele ethuneni, bephumule. Njengoba wayenjalo uElija;
abanye njengoba wayenjalo ueElisha; niyabo, abanye babo
baphiliswe, abanye bayothathwa, abanye bayoba sethuneni.
Bayohamba naYe. “ICilongo likaNkulunkulu liyokhala,
nabafileyo kuKristu bayovuka kuqala. Futhi thina esisekhona
sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo, sihlangebeze iNkosi
emoyeni.” AMandla aphilisayo kwabaphilayo; aMandla
aphilisayo kwabafileyo. Niyabo?

²⁹⁴ LawoMandla aphilisayo afanayo kaNkulunkulu ethulwa
kubo bobabili lababaprofethi. Bukani amagama abo, acishe
afane impela, uElisha, Elija. Niyambona uMlobokazi noMyeni
na? Omunye wabo uMnu. Jesu; omunye uNkk. Jesu. Niyabo,
kucishe kufane impela, nje—nje phakathi kuka—kuka Yena naYe.
Niyabo?

²⁹⁵ UElija, futhi bukani ukuthi kumelwe kanjani lapha.
Manje, uElisha . . . Wahlwithelwa phezulu ohlwithweni, kumele
iBandla, kulungile, uElija; noElisha waphumula kwaze

kwaba sekuvukeni. Niyabo? Kufana nenyoni nje, idinga amaphiko amabili ukuba izibhalanse. Niyabo? IBandla lamelwa khona lapho kulabo baprofethi ababili. “Ngokuba thina esisekhona sisasele kuze kube sekufikeni kweNkosi, asiyikubandulela nempela abaleleyo; ngokuba iCilongo likaNkulunkulu liyokhala,” omabili amaphiko ayohlangana, futhi siyosuka sindize, haleluya, sisuke sindize. Imbangela, (ini na?) kwabaphilayo, noma abafile, lawoMandla aphilisayo asaphila.

²⁹⁶ Qaphelani. Khumbulani, khumbulani manje, siphilisiwe ukuba sibone ukuthi lezizinto ziyini. Qaphelani aMandla aphilisayo alolusuku. Khumbulani, siyaphiliswa. Esikhathini esingeside esedlule, ngosizo . . .

²⁹⁷ Futhi ngi—ngicabanga ukuthi iNkosi yethu yasho, futhi wenzenjalo noPawulu, “Lokho eNgakukhonjiswa nguBaba, aNgigodlanga lutho. Nginyanitshelela.” Futhi kulezizinsuku zokugcina lapho sibone aMandla aphilisayo aKhe ephezu kwethu, Usinika ngisho aMandla aphilisayo, ukubona abagulayo bephiliswa. Siwabonile aMandla aPhilisayo esebenza phakathi kwethu, njengoba Ayenjalo ngaleyonkathi phezu kwabo ngezinsuku zasekuqaleni, niyabo, siWabone ebuyiswa ngombono futhi evusa abafileyo, siWabone enza abagulayo baphile.

²⁹⁸ Ngelinye ilanga ngangitshela omunye. UDonovan Weerts omncane lapha, ngiqagele nonke niyamazi. Ngangisenhla ngizingela naye. Umfokazi omncane bandla . . . Ungumfo omuhle omncane. Uza lapha e—ebandleni. Uzo . . . Umngane wami olungileyo ngempela nje. Futhi nje u . . . Wathi, “Bengingafuni ukukuhlupha.”

²⁹⁹ Ngabuka, futhi indlebe yakhe, yaphenduka yonke, ingaphakathi laba ngaphandle. Futhi ngathi, “Unjani, Donovan na?” Ngavele ngambamba ngesandla *kanjalo*, nomdlavuzo. Ngathi, “Donovan, kwenzenjani endlebeni yakho na?”

³⁰⁰ Wathi, “Angazi, Mfowethu Branham. Cishe izinyanga eziyisithupha, eziyisikhombisa, futhi ilokhu nje i . . .”

Ngathi, “Yin’indaba ungazange usho okuthize ngayo na?”

³⁰¹ Wathi, “Be—bengingafuni ukukuhlupha, Mfowethu Branham.” Ngathi, “Uyazi ukuthi kuyini na?”

Wathi, “Nginawo umqondo.”

³⁰² Ngavele ngabeka isandla sami phezu kwakhe, angangasho lutho. Ezinsukwini ezimbili emva kwalokho, kwakungasekho ngisho isibazi. Kuyini na? AMandla aphilisayo, niyabo, Ayophilisa umzimba wenu ofayo. Indlebe yakhe yayizodleka, ubuchopho bakhe babuzophela, niyabo, wayezofa. Kodwa, aMandla aphilisayo! Niyabo?

303 Futhi ngelinye ilanga lapho ngikhandlekile, uqobo lwami nge...ngathi, “Uma ni...Mfana, kungcono uqhubeke, usuneminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Wena, uma kukhona ozokwenzela iNkosi, kungcono usheshise futhi ukwenze. Usugugile.” Niyabo? Futhi lapho ngalokho kusa, aMandla aphilisayo ayafika, futhi Wangivumela ngabuka ngale kwekhethini, futhi nganibona nonke laphaya. Ehhe. Niyabo? Wathi, “Wonke lowo owawulokhu umthanda, nawo wonke owayekuthanda, banikwa wena.” Niyabo? Ngababona bonke laphaya kanjalo. Kwakuyini na? AMandla aphilisayo.

304 UJohane uMambuli wagcwaliswa egcwele aMandla aphilisayo, owasukumayo futhi wabona ukuphela kusukela ekuqaleni.

305 UISaya wayegcwele aMandla aphilisayo, futhi wasukuma futhi wabona isikhathi seminyaka eyiNkulungwane nakho konke.

306 AMandla aphilisayo! “Futhi uma uMoya owavusa uKristu kwabafileyo, ehlala kini, Uyovusa umzimba wenu o mory... umzimba ofayo.” Khumbulani, aMandla aphilisayo!

307 Bukani ukuthi siboneni kulolusuku. AMandla aphilisayo afike kithi, ukuvula iziMpawu eziyisiKhombisa. Kwakuyini leyo, ubuhlakani bomuntu na? Qhabo, aMandla aphilisayo kaNkulunkulu. Niyabo, aMandla aphilisayo kaNkulunkulu asho ngaphambili ukuthi lokhu kuyokwenzeka. Niyabo, aMandla aphilisayo kaNkulunkulu enza izwe ukuba lifakaze ngaWo, yiQiniso. INgelosi yeNkosi, nganitshela, yayizungezile iseNsikeni yoMlilo; aMandla aphilisayo enza izwe lifakaze ukuthi IyiQiniso. Futhi, kulokho, babengazi ukuthi Yayiyini; futhi thina sasazi, bukani *ngapha* nje, futhi YiNkosi yethu phezulu lapho, niyabo.

308 YiYo eyavula lezozimpawu. Iyilezo zipawu, ngokuba lonke iZwi likaNkulunkulu linguKristu, noKristu uyizimpawu ezavulwayo. Kuyini-ke ukuvulwa kwezimpawu na? Zembula uKristu.

309 Futhi zona impela iziNgelosi eziyisikhombisa, ezazimele amaBanda ayisiKhombisa onke esephelele, futhi asizange ngisho siYibone. Bayibona, bathatha isithombe, hhayi thina. Futhi Nango, emi lapho, uMahluleli oMkhulu kunabo bonke; ekhombisa ukuthi UnguAlfa no-Omega, owokuqala nowokugcina. Inkomba enje pho! AMandla aphilisayo enza lokho kithi.

310 AMandla aphilisayo asenza sibone ukufika kwaKhe. AMandla aphilisayo asihlwitha ekufeni siye ekuPhileni. AMandla aphilisayo anikeza ukwahlukaniswa kokubona okufihlakele; ukwazi ukuthi yini engalungile kini, nokuthi akwenziweni; ukuthi nenzeni, nokuthi yini obekufanele

ningayenzi; nokuthi benifanele nenzeni, nokuthi niyoba yini. AMandla aphilisayo, zonke lezizinto!

³¹¹ INkosi yethu uJesu igcwele kakhulu aMandla aphilisayo, Yayiyikho konke okwaWo, kundawonye. Yayigcwele kakhulu aMandla aphilisayo, Yasho lokhu, “Bhidlizani lomzimba, futhi Ngiyowuvusa ngezinsuku ezintathu.” Ukhuluma ngokwethembela eMandleni aphilisayo! “Bhidlizani lomzimba, futhi Ngiyo...lelithempeli, futhi Ngiyakulivusa ngezinsuku ezintathu.”

³¹² Ngani, Wakusholoni lokho na? Wayazi ukuthi kwakulotshiwe ngaYe, niyabo, ukuthi kwakulotshiwe ngaYe, ngeZwi likaNkulunkulu elalingenakwehluleka. IZwi lathi, “Angiyikuvuma ukuba ONGcwele waMi abone ukubola, Ngingashiyi umphefumulo waKhe ehayidese.” Futhi Wayazi ukuthi aMandla aphilisayo ayezoMvusa, ukuthi kwakungeke kubole nelilodwa ingqamuzana lokuphila.

³¹³ Wathi, “Bhidlizani lelithempeli, mina Ngiyakulibuyisa futhi ngezinsuku ezintathu.”

³¹⁴ Ngani na? Laliyisiprofetho, iZwi likaNkulunkulu. Nesiprofetho, uma LiyiZwi likaNkulunkulu leqiniso, ngeke lehluleke. Nesiprofetho esifanayo neZwi likaNkulunkulu elathi WayezoMvusa, lithi sesivukile vele kanye naYe. Akumangalisi Athi, “Ningesabi.” Futhi kulotshiwe, ukuthi, “UMoya omanje, wawukuYe, manje ukithi, futhi uphilisa nomzimba wethu ofayo.” Ungesabi, mngane, iS-o-n iNdodana isivukile. INdodana isivukile. Qhabo... .

³¹⁵ Manje bukani ekuguqulweni isimo. Thina, sonke, sasimelwe lapho. Kwakukhona abangcwele abaphilayo ababehlwithiwe, kwakukhona uElija emi lapho; futhi nakho kumi uMose, abangcwele abafileyo yepre... .Futhi, bobabili babenaMandla aphilisayo. Noma ngabe omunye wafa, nomunye akafanga, bonke balapho.

³¹⁶ Qaphelani, o, bukani ukuthi manje sibonani ngalezizinsuku zokugcina. Into efanayo Ayethembisa, uJohane 14:12. Manje bukani. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Impela.

Abantu bathi, “Uzisho ukuthi unamandla na?” Qhabo, qhabo, qhabo.

³¹⁷ Sinjengabo nje eNtabeni yokuGuqulwa isimo, niyabo. Ngempela, asizisho ukuthi sinamandla. Kodwa, thina, njengoba—njengoba babenjalo... .ENtabeni yokuGuqulwa isimo, babengasho ukuthi, uMose, athi, “Niyabo ukuthi ubani, niyabona ukuthi ngingubani,” abafundi bathi, “niyabona ukuthi ngingubani, niyabona ukuthi ngingubani.” Niyazi ukuthi kwenzekani na? Qaphelani, babona uJesu ekhazimuliswa. Yilokho kuphela ababefuna ukukubona kumelwe, uJesu ekhazimuliswa.

318 Futhi kunjalo nanamhlanje, asizami ukuba ngumuntu othize omkhulu. Asikhathali ukuthi abantu bathini ngathi. Igama lethu alilutho; yiGama laKhe. Ukuphila kwethu, akulutho; ngukuPhila kwaKhe. NgaMandla aKhe, hhayi amandla ethu. Futhi into eyodwa kuphela esithanda ukuyenza, ngukuMbona ekhazimuliswa. Futhi kungaba kanjani na? Uma Ekhazimuliswa kithi, ngokuvuka kwaKhe okukithi. SiyaMbona emelwe futhi njengoba Wayenjalo, namhlanje.

319 Nikutholile lokho na? Niyabo, isifiso sethu asisisona esokuthi sikhazimuliswe. Isifiso sethu asisilo igama elithize elikhulu. Isifiso sethu asisilo esokufukula ibandla elithize, noma kwenziwe okuningi kuSonto sikole, noma sizame ukungenisa, sibophe izandla nezinyawo, sifuqele phakathi, sinikezane ipikiniki, iphathi, noma silethe izingeweti, izinkinobho, noma enye into efana nalokho. Leso akusisona isifiso sethu. Isifiso sethu ngesokuMbona ekhazimuliswa. Ekhazimuliswa, (ini!) hhayi ngokuzigqaja; kodwa kithi, izimpilo zethu, ukufakazisa ukuthi Uyaphila futhi uphila kithi.

320 Uma kungadede mina endleleni, kunjalo lapho uWilliam Branham engacatshangwa ngisho, nani ningacatshangwa ngisho, size sibone uJesu ekhazimuliswa phakathi kwethu. SiMbone, yileso isifiso sethu. Lawo aphi- . . . kusinika aMandla aphilisayo. Futhi kusinika injabulo, ukwazi ukuthi sinaYe, kokubili inyama nethambo laKhe, singuMlobokazi waKhe; futhi sibona izindlela zaKhe zokwenza ezifanayo eziqinisekisiwe, zifakazisa phakathi kithi ukuthi Usevukile manje kwabafileyo. Niyabo?

321 Akumangalisi Athi, “Ningesabi,” ngokuba manje, qaphelani, sihlengwe nguYe, futhi manje sivuke naYe. Lichaza lokho iPhasika kubantu, “sivuke naYe”! Qaphelani. Manje sinoMoya waKhe kithi, incwadi yesibopho ehambisana nomthetho encwadini ewubufakazi ikhokhelwe ngokugcwele.

322 Qhabo, awusho ukuthi, “Awu, ngethemba ukuthi ngiyakwenza.” Usuvele ukwenzile. Hhayi ukuthi, “Ngiyokwenza.” Sengivele ngikwenzile. Angizange ngikwenze; Wakwenzela mina. Niyabo? Akusimina; nguYe! “Awu, Mfowethu Branham, bathi. . .” Angikhathali ukuthi bathini. Wakwenza lapho, ekwenzela mina. Yilokho kuphela engikufunayo, engikukhathalelayo.

323 Nje ngi—nje ngifuna ukubona Yena ebonakaliswa. Ningakwenza kanjani, niMbize ehle na? Qhabo. Ukini. Niyabo, Ukini. “Awu, bese-ke, Nkosi, uma kungadede mina endleleni, Ungabonakalisa. Mina. . . Ungakwenza kanjani na? Ngoba Wakumisela kunjalo. ‘Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza.’” Qaphelani. Udumo!

324 Ngabo bonke lobo bufakazi obubonakalayo obuqoqiweyo, bunathi namhlanje kulokhu ukusa, o, ngicabanga ngaleloculo:

Ngalokho kusa kokuvuka,
Lapho izintambo zokufa ziyogqashulwa,
Siyovuka, (Haleluya!) siyovuka!

³²⁵ Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Siyovuka! KuYe siba yingxenye yaKhe, iPhasika, imfihlo embuliwe kaNkulunkulu njengoba yayinjalo ngaleyonkathi, yokuPhila emva kokufa. Manje sesiyaphila, thina esasifile esonweni naseziphambukweni. UPhawu lweqiniso lwePhasika luqhekeze ukufa okungizungezile, futhi ngiyaphila. UPhawu lwePhasika, ekuqaleni, lwaqhekeza uphawu lophawu lwamaRoma, uPhawu lwePhasika, ukuthi Wayevalwe-ngci ngophawu. Futhi umuntu, ngenkathi befa, wase ehambile; kodwa Waluqhekeza uphawu futhi wembula imfihlo. Futhi manje uNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele waKhe, uqhekeze uphawu oluzungeze izimpilo zethu, noKristu wembulile njengoba Uphila kithi, ngokuba manje siphiliswa kanye naYe. O, ikhasi nekhasi!

Siyovuka, (Haleluya!)
Siyovuka! (Amen!)
Ngalokho kusa kokuvuka,
Lapho izinsimbi zokufa zephulwa khona,
Siyovuka, (Haleluya!) siyovuka!

³²⁶ O, anijabuli na! Ngijabula kakhulu! Emuva le ezansi ngaleya, eshede elidadlana lamalahle ngokunye ukusa, izimpawu zaqhekezwa, futhi ngavuka kanye naYe, ngiyisidalwa esisha. AMandla aKhe aphilisayo; iNdodana isivukile.

³²⁷ Esikhathini esingeside esedlula, ngaxoxelwa indatshana ngo—ngomdobi. Umfo uyaphuma wase eqasha umdobi omdala ukuba amthathe aphume badobe eWest Coast. Baphuma ngalokho kusa.

³²⁸ Uma noma ubani wenu eke wadoba lapho inhlanzi isalmon, ngani niyazi ukuthi kwenzekani, kuba nezinkungu ezimbi ngempela phandle lapho. Ngibona umfowethu omncane, uEddie Byskal, ezansi lapho, isithunywa senkolo kumaNdiya phandle lapho. Futhi sadoba, qobo lwethu, phandle kulezozingu.

³²⁹ Ngakho lomdobi wayethi ukuba yimpatha, niyazi. Wahamba wayodoba, futhi bantanta namanzi baphuma. Belinde ukuba kuphume ilanga, niyazi. Futhi ba—futhi ababange besawuzwa umshini okhaliswa ngesikhathi senkungu, nalomdobi wethuka kakhulu, wathi, “Awusho, sintanta namanzi siya olwandle! Hheyi!” Wethuka kakhulu.

³³⁰ Wathi, “Hlala phansi, ndodana. Hlala phansi.” Umdobi omdala, ezithulele, niyazi. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wathi, “Linda nje kuze kuphume ilanga, sizobe sesibona-ke ukuthi sikuphi.”

Wena uthi, “Ngifanele ngibe yiMethodisti na? iBaptisti na? iPentecostal na?”

³³¹ Lindani nje. INdodana iyavuka, sizobona ukuthi sikuphi. IyiZwi. Lindani nize nibone iZwi libonakaliswa, likhanya phezu kweMbewu, isiThungu esizuliswayo, sizobona ukuthi sikuphi. Niyamthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³³² Ngiyaxolisa senginibambezele kwaze kwaba yisikhathi eside kangaka. Bangaki kini kozohlalela eyakulobubusuku na? O, buyani-ke nje futhi, kulokhu ukuhlwa, niyabo. Cishe ngelesikhombisa nqo? Beninaye omunye na? [UMfowethu Neville uthi, “Qhabo.—Umhl.”]

Asikhothamise amakhanda ethu.

³³³ Ngabe ukhona oyedwa lapha, noma abaningi, ongenawo laMandla aphilisayo kuwe na? INdodana ikhanyise yonke indawo, futhi nihlale kulelitabernakele, nilalele amateyipu, kepha nokho uMoya awukaze uniphilise nize nikwazi ukulandela iZwi likaNkulunkulu, ukuthi nina besifazane nawe wena wesilisa beningathobela lonke iZwi Alilobile! O, lokho kuyinto eyingozi. Ukuba-ke beniyimbewu efile, kungekho-kuPhila kini na? Kodwa kukhona okukini, okunitshelayo, “Ngi—ngifuna ukuvuka, kulokhu ukusa. Ngifuna ukuvuka esimweni engikuso. Angifuni nje ukuba yimbewu efile, ngishiywe emhlabathini nasezingodweni ezilahlelwe ngaphandle ngamanzi. Ngifuna ukuvuka.”

³³⁴ Uzosiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, mfowethu na?” UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise. Wo, ake nibheke izandla; ayikho nhlobo indlela yokubizela ealtare. Esikubiza ngokubizela ealtare, abantu bayakhuphuka bazungeze ialtare, anginkabunkabu kangako ngakho, empeleni. Lokho kwenezelwa ebandleni nje ngezinsuku zemvuselelo yamaMethodisti. Niyabo?

³³⁵ IBhayibheli lathi, “Bonke abakholwayo, niyabo, babhaphathizwa.” Kukhona ichibi lapha, ligwele amanzi, lilindele noma yimuphi ozizwelayo ozimisele ukuthi bafe bona uqobo.

³³⁶ Manje, ungahle ucwiliswe, izikhathi eziningi, eGameni leNkosi uJesus; kodwa ize leyoMbewu ibe ngukuPhila, niyabo, Ingeke iyiphilise. Qhabo, qhabo, qhabo. Umbhaphathizo wamanzi unjengezolo elehle livela ezulwini; lingehlela embewini, kodwa, akukho kuPhila lapho, ingeke iphile.

³³⁷ Kodwa uma lowombhaphathizo wangempela wamanzi, wokuthi ufe kuwe uqobo, futhi usuzimisele ukufa uphele kukho konke oke wakufundiswa yizivumokholo namahlelo, okuphambene neZwi, futhi uzohamba njengendodana noma indodakazi kaNkulunkulu, futhi ukusho ngempela enhliziyweni yakho, qaphela ukuthi lowombhaphathizo wamanzi uzokwenzani kuwe kulokhu ukusa. “Phendukani,

yilowo nalowo, abhaphathizwe eGamaneji likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kweziphosiso zenu, isono senu, khona niyakwamukela isiThungu, umnikelo ozuliswayo. Niyakwamukela aMandla okuhambisa, uMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabo bonke. Kuzo zonke izizukulwane, kuyobanjalo.”

³³⁸ Baba Nkulunkulu, ngi—ngikhulume kwakude, futhi ngathatha esiningi isikhathi sabantu, kodwa, Nkosi Nkulunkulu, akukho ukuma kukho. Kubonakala sengathi uvele nje uyeke usuke uhambe, futhi uphumule, ubuye ubuye. Siphila ezweni elifayo, phakathi kwabantu abafayo; noMlayezo wokuPhila, futhi nobufakazi obubonakalayo bokuvuka. Nkulunkulu othandekayo, sizoba ngabafayo kanye kuphela, futhi kuzobanjani uma siyekela lelithuba lisedlule na?

³³⁹ Izinhliziyo zethu ziyavutha; imiphefumulo yethu iyaxhuxhuma; labo abangenile. Nabaningi lapha bayawuzwa loMlayezo kulokhu ukusa. Yebo, amakhulu amabili noma amathathu baphakamise izandla zabo. Bafuna ukukholwa, Nkosi. O, impela leyombewu ayifile, Nkosi. Bangasiphakamisa kanjani isandla sabo kanjalo na? Kukhona okuthize. O Nkulunkulu, kudala khona, yilowomkaJobe emi lapho, ethi, “O!” Kodwa, Nkosi, makuthi lowoJobe, lelokholwa, lingene, kulokhu ukusa, life nya, futhi limbelwe lapha kulombhaphathizo wamanzi.

³⁴⁰ Amathonsi amazolo avela eZulwini, iZwi likaNkulunkulu elithi Liyohlanza sonke isono futhi lisithethelele! Nibhaphathizwa eGamaneji likaJesu Kristu, kwenziwe lani na? Ukuthethelelwa kwesono senu, izono zithethelelwa eGamaneji likaJesu Kristu.

³⁴¹ Sengathi, ke, Baba, sengathi...Uma begula, sengathi bangaphuma bephila. Sengathi, uma beyizishosha, sengathi bangaphuma sebehamba phansi kwaMandla kaMoya oNgcwele. Uma bebeyizoni, sengathi bangaphuma bahambe sebegeziwe bahlanzeka. Nezhambisi-mshini, ngokungena; aMandla okuhambisa avela Phezulu, uMoya oNgcwele, futhi ubahlwithe, Nkosi. Uphilise umzimba wabo ofayo, khona-ke sizokuzwa izilimi ezintsha zangokoqobo, amandla kaNkulunkulu, uthando olungaxoxekiyo, umusa ofayo nomusa ophilayo; noKristu ovusiweyo, uMzimba, uMlobokazi emele Yena emhlabeni.

³⁴² Baba, bangabaKho. Baphakamise izandla zabo. Ngishumayele iZwi. Manje, Baba, bemukele, ngiyakhuleka. EGamaneji likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

³⁴³ Niyamthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akamangalisi na? [“Amen.”] Nenelisekile ukuthi niyingxenye yalokho kuvuka kwePhasika, ukuthi navuka kanye naYe na? [“Amen.”] Phakamisa isandla sakho. Nawe ubaliwe.

344 “Bantwanyana bami,” njengoba uPawulu wayengasho. Ngingazami ukulingisa yena, kodwa, uthando, ngiyanihanda. Ngilwa nemigwaqo nakho konke okunye, ukuze ngifike lapha, ukuba ngithole ukukhuluma nani. Ngikhuphuke ngiphuma ogwadule, ngingamule ezinqwabeni zamaqhwa, nokunjalo, ukuze ngifike lapha. Sindiza ngamabhanoyi. Nishayela ninqamule izwe, ukuze sihlangane ndawonye. Siyathandana.

345 Siyingxenye yomunye nomunye. Ningalokothi nivumele uSathane anitshela noma yini enye. Ngokuba yingxenye yomunye nomunye, siyingxenye yaKhe. Futhi siyizakhamizi ezingabafo boMbuso, sijabulela lezizibusiso, sindawonye, zokuvuka.

346 Futhi manje, niyabo, manje senivele nivukile. Ngenkathi uNkulunkulu eMvusa, Wavusa nina. INdodana njengamanje iphezu kwenu, futhi manje nimila ningene ekuPhileni okuqhakazayo njengoba Wayenjalo, ukuba nivuswe ngokuphelele ngalolosuku lokugcina. Ukuba namandla kwenu okwenza, ninawo manje. Nazelani na? Umphefumulo wenu uguqukile, awuguqukanga na? Umzimba wenu ungena ekuLithobeleni, awuzange na? Ekuthobeleni (ini, ibandla na?) iZwi, elingukuPhila, manjena-ke senivusiwe kwabafileyo. YiPhasika, noJesu nami. YiPhasika, nani noJesu. Futhi yiPhasika, nani, mina, noJesu. Sonke si . . . Noma, uJesu, nina, nami, sonke sivuswe kanyekanye.

347 Futhi siyovuka ngosuku lokugcina, ngisho noma imimoya yethu ishiya imizimba yethu, ngisho noma imizimba yethu idleka, ingaya othulini, ingashiswa iphele, ingaba phansi ekugcineni kolwandle. IBhayibheli lathi, “INGelosi yathululela okwayo phezu kolwandle, nakho konke okwafayo kuyaphuma.” Akukho okungasifihla, noma kusehlukanise, nalowoNkulunkulu esimthanda kahle kakhulu, osivuse kanyekanye.

348 UNkulunkulu anibusise. Senginihlalise lapha isikhathi eside. Uma labobantu esekulolocingo, impela ba . . . Kungamashumi amahlanu amasente iminithi, bakhokhe ngempela, kulokhu ukusa. Kodwa, angikwazanga nje ukuma ngalelohora, ngidingeke nje ukuba ngiqhubeke.

349 Manje, iNkosi ithanda, ngizobuya kulobubusuku, ukuba ngikhulume nani futhi. Futhi uma ngingabuyi, khona-ke nonke niyazi . . . Ngiyethemba asikho eku . . . noma qha . . . Asisekho ocingweni? Asisekho ocingweni.

350 Nonke niyazi ukuthi ngiyaphi, anazi na? EAfrika! Sekuyisikhathi eside ngabizwa; sekuyiminyaka ngizama ukubuyela. Manje umbono, uMoya weNkosi uyilungisile indlela. Bathi, ngenkathi labo bomdabu abampofu bekuzwa, ukuthi angizanga ngesikhathi esedlule ngenkathi ngilapho, balala phansi emhlabathini imini nobusuku, futhi babubula futhi

bakhala, futhi bethi, “Nkosi, senzeni na?” izinkulungwane zabo. Labobantu abakholwa ngisho nokuthi banomphefumulo. Niyabo? Futhi bakhala futhi babubula, futhi bakhala.

³⁵¹ Ningathumeli-mbiko ngaphambi kwesikhathi. Ngiyacela ningakwenzi. Niyabo, uma leyomvume yokungena ezweni kungenzeka yedlule lapho futhi ifinyelele phakathi kwalabo befundisi, bayongimisa khona lapho. Ngifanele ngingene njengomzingeli. Ngenyukela kwindlovukazi eyehla nezinqola zesitimela ezigcwele eziyishumi nesikhombisa futhi yehla yeza emhlanganweni. Ngifanele ngenyuke ngiyozingela esifundeni sayo. Futhi ngiyangena, ipaspot yami nakho konke kubiza umzingeli, hhayi inkonzo yezenkolo.

³⁵² Manje-ke kuzoba nomfowethu oyedwa engibonana naye, athi, “Yini ungasenzeli umhlangano omncane na?” Izitadiyamu sezivele ziyarentelwa. Abakwazi ngisho. Niyabo? O, udumo!

³⁵³ Khulekelani ukuthi intando kaNkulunkulu ayizukujinjwa. Ukuthi, umphefumulo wami owawukhalela iAfrika selokhu ngahamba, sengathi ngingakwazi ukubuyela futhi, bese nginilethela umlayezo womhlangano omkhulu. Cishe ngeke ngisanibona, kusukela namhlanje, ngize ngibuye. Siyahamba, ezinsukwini ezimbalwa nje manje, ziyishumi kuMeyi. Nizongikhulekela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁵⁴ Khumbulani, anazi ukuthi zinkathazo zini, nize nifike lapho; izinyanga-bathakathi macala onke, nodeveli, futhi ningacabangi ukuthi azazi ukuthi zifanele zenzeni. Niyabo? Futhi ufanele wazi ukuthi ukhuluma ngani, uma umi phambi kwazo. “Kodwa ngiyamazi engikholwe nguYe, futhi ngiyethemba ukuthi Unamandla okulonda lokho engikubekile kuYe kuze kube yilolosuku.”

Manje, kukhona amaduku abekwe lapha.

³⁵⁵ Nkulunkulu othandekayo, njengaloMlayezo kulokhu ukusa, wokuvuka, nami ngimi lapha, Nkosi, futhi ngifakazisa ngeZwi ukuthi lawoMandla aphilisayo akumntwana okholwayo. Ngakho-ke, phezu kokukholwa, ekukholweni, ukuthi lawoMandla aphilisayo aguqule impilo yami. Nalababantu uyakholwa, Nkosi, futhi Aguqule izimpilo zabo. Futhi siyakhulekelana.

³⁵⁶ Ngibeka izandla zami phezu kwalamaduku, ukuthi... Sengathi uNkulunkulu, Owaphilisa uJesu Kristu futhi waMkhipha kwabafuleyo, nalowoMoya owaMvusa kwabafuleyo, uhlale emzimbeni wethu.

³⁵⁷ UMoya owawuphezu komzimba kaElisha, lowo, emva kokuthi usufile futhi kungasasele lutho amathambo kuphela, wawunaMandla aphilisayo kuwo. Izandla zabaphostoli zazinaMandla aphilisayo kuso. Imiqondo yabaphostoli, ukubona kwabaphostoli, i—izilimi zabaphostoli, konke kwakunaMandla aphilisayo.

³⁵⁸ Manje sengathi lawoMandla aphilisayo, njengoba ngibeka leliZwi phezu kwawo, nezandla zami ukumela umnikazi, ngomusa, walawoMandla aphilisayo, sengathi Angaphilisa yonke yalemizimba egulayo, futhi baphiliswe futhi, Nkulunkulu, ngeGama likaJesu Kristu.

³⁵⁹ Sengathi kungebe okwalamaduku kuphela, kodwa okwalabobantu phandle lapho ezethamelini, wonke ohluphekayo. Labo bantwana abancane, abantu asebebadadlana, noma ngabe bayini, sengathi lawoMandla aphilisayo angabaphilisa khona manje, eGameni likaJesu. Amen.

³⁶⁰ Manje, bangaki onaMandla aphilisayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, uma lawoMandla aphilisayo ekini.

³⁶¹ Manje, yinye kuphela into yokuqhela kuWo, evimbayo, lokho ukungakholwa kwenu. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, wasindiswa; isosha leRoma laMphimisela ebusweni, futhi laya esihogweni. Niyabo? Ngakho kwafanele kube. . . kuya ngokuthi ukuphi. NiyaWakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NiyaWakholwa na?

³⁶² Manje ngifuna ukhothamise ikhanda lakho futhi nikhulekelane. Nje—nje nikhuleke kuzwakale impela, nithi nje, “Nkosi, lomuntu. . .” Niyabo, nikhulekelane nje.

³⁶³ Nkulunkulu othandekayo, senza lokhu eGameni likaJesu Kristu, iGama kuphela elinikwe kumuntu esingasindiswa ngalo noma siphiliswe. Lababantu, abayizakhamizi ezingabafo boMbuso, umnikazi waMandla aphilisayo, Aphilise kubo, Nkosi, manje nje. Futhi sengathi uMoya ungasuka okhozini uye okhozini, usuke eZwini uye eZwini, kuze kuthi ukugcwala kukaJesu Kristu kubonakaliswe emizimbeni ngamunye, ngokwenyama, okomoya, kumbe noma yisiphi isidingo abasidingayo, njengoba sibeka izandla zethu phezu komunye nomunye. E Gameni likaJesu Kristu.



NGUKUPHUMA KWELANGA ZUL65-0418M
(It Is The Rising Of The Sun)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ukudla kwasekuseni, ngo Apreli 18, 1965, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 1998 ngabe:

ZULU

©1998 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org